# *Kepha Kusukela Ekuqaleni Kwakungenjalo*

Ngakho, kufana nomuntu nje onemali ebhange, kodwa akazi ukuthi libhalwa kanjani isheke, nomunye angabhala isheke, futhi akanamali ebhange, uma ungake uze uthole labo bobabili ndawonye, ubuzoba nakho.

2 Uma abantu bePentecostal bebengaqonda kuphela ukuthi abasiyo inkucunkucu yomhlaba, bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, izindlalifa zakho konke ngoKristu! Kodwa inqobo nje uma uSathane engakugcina wesaba ukubiza ifa lakho, khona-ke ukutholile, uyabo, inqobo nje uma ukwesaba. Ungesabi noma yiliphi iZwi uNkulunkulu aliloba, vele nje ulengisa *isimo* sakho kunoma yimuphi ukhefana ophakathi Lapho ngoba liqinisile, liqinisile impela. Bese-ke uqhubeka nje, uma ungaboni ukuthi uyaphi, inqobo nje uma ulandela iZwi, hamba noma kanjani.

3 Njengo-Abrahama, akazange, akazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa, Wayeqinile ngaso sonke isikhathi, enikeza udumo kuNkulunkulu, azi ukuthi kwakuzokwenzeka noma kanjani. Niyabo? Futhi singabantwana baka-Abrahama. INkosi ithanda, yilokho engifuna ukukukhuluma kini ngeSonto ntambama: *U-Abrahama NeNzalo Yakhe Emva Kwakhe*. Futhi sethemba ukuba nenkonzo enkulu yokuphulukisa ngeSonto ntambama.

4 Ngicabanga ukuthi kuhle kakhulu, kuyisicelo sami njalo, ukuthi lapho kunamabandla amaningi axhasayo, masingabi nenkonzo yangeSonto ebusuku ukuze sithole abazalwane bethu, abantu bakithi basuke emabandleni abo nezinto. Ngicabanga ukuthi wonke umuntu ubefanele ube sesikhundleni sakho somsebenzi lapho ibandla lakho livuliwe. Kungokulungile. Kunjalo impela. Ufanele ume ngakumelusi wakho, futhi ume ngasebhodini lakho, futhi ume ngasebandleni lakho, futhi, kodwa lapho sinomhlangano wokubumbana njengalona, uma singaba nawo ngeSonto ntambama, khona-ke wonke umuntu angabuyela ebandleni labo mhlawumbe bonke bagcwaliswe ngento ethize eshiwo ngomunye, noma ubufakazi, noma into ethize iNkosi eyenzile, noma ihubo, noma intshumayelo, noma okuthize. Futhi—futhi ngicabanga ukuthi-ke singaqhubeka nje siqhubeke kanjalo.

5 Futhi mina, ngemali, angikaze ngi desi-. . .Ngineminyaka engamashumi amahlanu-nambili ubudala ngoluny'usuku, futhi kade ngisenkonzweni, cishe impela eminyakeni engamashumi

amathathu nanye, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, angikaze ngithathe nowodwa umnikelo empilweni yami, futhi angikuhlosile neze. Ngakho, ngangivame ukusebenza, ngalusa iTabernakele leBaptisti eJeffersonville iminyaka eyishumi nesikhombisa ngaphandle kwesenti elilodwa, ngasebenza njengomqaphi wezinyamazane kahulumeni, umsebenzi kalayini, noma yini engangingayithola ukuba ngiyenze, futhi ngakhokhela indlela yami uqobo, futhi ngasiza ekwakheni indlu yokukhonzela. Futhi angikukholwa ukuthi—ukuthi . . . Angikho enqwabeni yaloluhlelo olukhulu lwemali.

6 Futhi ukuba-ke bengidingeke ngithole imali eningi njengoba abanye babazalwane bedingeka na? Ukuba-ke bengidingeke ngihlangabezane nezindleko zikaBilly Graham na? Ukuba-ke bengidingeke ngihlangabezane nezindleko zika-Oral Roberts na? Angisoze ngafika endaweni encane njengale futhi ngibe nomhlangano. Kodwa ngithanda ukuzigcina lapho engingenazindleko khona, bese kuthi-ke noma yikuphi lapho iNkosi engiholela khona ngingaya khona, niyabo, angibophezelekile.

7 Ngisanda kubamba imvuselelo endlini yokukhonzela eyayigcine abantu abangamashumi amabili. Kwaku—kwakukubi kabi, kodwa sayibamba, neNkosi yabusisa futhi yenze into enkulu. Abantu bama esimweni sezulu esinguziro, bekhala futhi bethimula, nokuphefumula kwaba yiqhwa ebusweni babo, kodwa basindiswa. Ngakho-ke uyini umehluko, inqobo nje uma besindiswa na?

8 Futhi anginamali, ngiqagele eyami, uma bengingahlola i-akhawunti yami kulobubusuku, futhi beku . . . uma ngingakweleti ibhange, ngeke ngaba ngaphezulu, cishe, amadola ayikhulu namashumi amahlanu. Ngakho-ke bengingenzani ngalokho lapho, mhlampe, uMnu. Roberts ezohlangana cishe neziyisikhombisa, noma eziyisishiyagalombili, izinkulungwane eziyishumi zamadola ngosuku na? O, bengingeke ngibe nakho lokho kimi ngalutho. He, o, he! UNkulunkulu wayazi kangcono kunalokho, Wayazi ukuthi anginawo, anginawo amandla engqondo angako ukunakekela izinto ezinjalo. E-hhe. A—angikwazanga nje ukukwenza. Ngibonga kakhulu ukuthi uNkulunkulu unamadoda A . . . ukwenza lokho.

9 Ngenkathi ngima esikhathini esingeside esedlule, uMfowethu Oral Roberts, ngiyakhumbula ngenkathi enomhlangano wakhe wokuqala, uza ngale emhlanganweni wami lapha eSt. Louis, futhi, noma, eKansas City, ithende elimanikiniki libekwe ngaphesheya kwelinye icala, futhi wathi, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzozwa umkhuleko wami ngabagulayo na?"

Ngathi, "Uzozwa umkhuleko *kanoma ubani*, Mfowethu Roberts."

10 Futhi ngiyamkhumbula uTommy Osborn, ngenkathi ezibethela ngezipikili ngalobobusuku ngenkathi okhwelwe amademoni egijima ephumela emsamo ukuzongibulala, niyifundile indaba yakho, ePortland Oregon, wase-ke eza endlini yami, wathi, "Mfowethu Branham, o, ucabanga ukuthi nginesiphiwo sokuphulukisa na?"

11 Ngathi, "Mfowethu Osborn, uyinsizwa ethembisayo." Ngathi, "Uma lokhu kuqhubeka kuzoba njenganoma iyiphi enye imvuselelo, kuzofezeka ukuthi umfo ngeke acabange ukuthi unenkonzo ngaphandle uma enenkonzo yokuphulukisa." Ngathi, "Ungacabangi ngalokho." Ngathi, "Uma uNkulunkulu ekubizela ukuba ushumayele iVangeli, Ukubizile ukuba ukhulekele abagulayo." Ngase ngithi, "Hlala nakho nje ngqo." Niyabo?

12 Abelusi benu banamalungelo afanayo nje ukunikhulekela njenganoma yimuphi umvangeli ensimini. Futhi uma umelusi wakho engekho lapho, owakho omuhle, umakhelwane osindiswe nguNkulunkulu angenza okufanayo, umyeni wakho, noma umfowenu, umntwana wakho, kumbe noma ngabe ubani. "Vumani amaphutha enu komunye nomunye, nikhulekelane, ukuze niphulukiswe." Lelo yiqiniso.

13 Ngakho angizami neze ukuthola imali. Nalabo bazalwane ababili engibabalile, ababili abakahle, abathembekile, abanomoya omuhle, amadoda asindiswe nguNkulunkulu, ngu T. L. Osborn no-Oral Roberts. Lelo yiqiniso impela, bangamadoda akahle. Ngiyabazi bobabili selokhu kwaqala inkonzo yabo, futhi bangabafowethu abakahle ngempela.

14 Futhi ngaya kwaMfowethu Osborn ngolunye usuku, futhi laphaya ngenkathi nginomhlangano eTulsa, futhi ngabuka ukuthi uNkulunkulu wayembusise kanjani. Futhi uyisithunywa senkolo esikhulu, wenza umsebenzi wobuthunywa benkolo. Nemali oyithumela kuMfowethu Osborn impela isetshenziswa kahle, ungekahle, indoda esindiswe nguNkulunkulu. Futhi ngangena endaweni yakhe, wangigaxa ngezingalo zakhe, waqala ukukhala, wangikhombisa lapho zonke izindawo ayekade ekhona, wathi, "Mfowethu Branham, leyo yingxenye yenkonzo yakho." Wathi, "Ukuba wawungahambanga futhi wenza njengoba kwenza iNkosi, futhi—futhi nge. . . ngikutshele ukuba wenze. . ." wathi, "Ngingomunye nje wabafundi bakho," njengoba kwakunjalo. Cabangani, indoda yalobobukhulu bengqondo itshela umuntu omncane njengami ukuthi wayeyisitshudeni sami, lokho kuthatha omnandi ngempela, umoya othobekile.

15 Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngilapho, uMfowethu Oral Roberts wawa futhi walimala emlenzeni. Futhi ngangena kwelakhe elithandekayo, ikhaya elikhulu lapho, futhi ngangingeke ngiphathwe kangcono ukuba ngangiyiNgelosi

evela eZulwini, ngenkathi ngiyomkhulekela. Futhi wayenedolo elalikade. . . o, lalisesimweni esibi kabi. Futhi ngenkathi ngisakhuleka, imithambo yegazi iyehla yase yenza u *V* omkhulu phezu kwedolo lakhe, wasukuma ngqo wayesesuka wahamba.

16 Ngakho ngangena emakhaya akhe, nokuthi lihle kanjani, futhi lihle, futhi ikhaya elikhulu, ngavele ngakhala izinyembezi. Ngenkathi ngiphumela ngaphandle futhi ngabuka isakhiwo sakhe esikhulu lapho, ukuthi sasihlanganiswe kahle kanjani ndawonye, yonke into eblokweni kamthathu-emunye, futhi ngibone lesosibuko lapho sezandla zehlela phansi, futhi ngenkathi ngiphumela ngaphandle futhi ngabuka, angikaze ngibone lutho nomaphi emhlabeni njengakho noma yikuphi, futhi ngacabanga, "O Nkulunkulu, Jehova oMkhulu, ngibonga kakhulu! Lokho kukhombisa ukukholwa kwendoda eyodwa engathola ukubamba ngempela uNkulunkulu, futhi yenze into ethize enjengaleyo. Ngibonga kakhulu!"

17 Wayesethi-ke uSathane kimi, wathi, "Kufanele ukuthi Akacabangi kakhulu ngawe. Kuthiwani uma-ke efika endaweni yakho futhi abone umshini wokubhala owodwa omncane uhlezi phezulu lapho ekugcineni kwenqola na? Kungaba hlobo luni lwehhovisi lelo na?"

18 Ngathi, "Awu, ngenza konke engingakwenza, yilokho kuphela." Ngibe nesikhathi esinzima ukuba ngike ngiphendule noma yiziphi izincwadi. Ngase ngibheka phezulu, ngase ngicabanga, "He, impela ngingakuzonda ukuba labobafowethu beze endaweni yami, futhi babone ihhovisi lami." Khona-ke ngangimi lapho nje, kwenzeka okuthile okumnandi, futhi angisoze ngakukhohlwa, kucace nje njengoba ngake ngezwa iphimbo empilweni yami, Wathi, "Kodwa NgiyiSabelo sakho."

19 Ngase ngithi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Ngizothatha leyondlela ngokujabula, ngoba angikwazi ukuba nengqondo yokusebenzisa umsakazo womhlaba wonke njengoMfowethu Roberts, nezinkulungwane zemiphefumulo afinyelela kuyo. Kodwa kweyami encane, indlela ethobekile, uma Uzongisiza nje, futhi Wena ube yiSabelo sami, futhi ngizoKulandela nje, futhi noma yikuphi lapho Ongiholela khona-ke ngi—ngizokwenza ngendlela encane, indlela. . . " Isizathu sifanele sibe namatshe amancane, athi ukuhlangana namatshe amakhulu.

20 Nginewashi lapha abanginika lona eSwitzerland, futhi lineminingi, yonke inqwaba yeminyakazo emincanyana, ayisizo zonke izipringi ezinkulu, kodwa konke kufanele kunyakaze ukwenza. . . kugcine isikhathi. Ngakho yileyondlela engicabanga ngayo, sonke kanyekanye siyayenza, sonke sihamba ezindleleni zethu ezincane ukugcina isikhathi, impela nje.

21 Futhi *nanku* umunwe wami, impela akusiyo ingqondo yami, impela akusilo iso lami, noma indlebe yami, kodwa ngithemba ukuthi awunqumi neze ukuba kungabi ngumunwe,

ngoba awusilo iso lami, noma indlebe, ngoba ngi. . .kuba nzima ukwenza ngaphandle kwawo.

22 Futhi mhlawumbe ibandla lakho elincane, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, siyiqembu elincanyanyana labantu nje." Lokho akusho lutho, udlala ingxenye eMzimbeni kaKristu, ngakho hamba nje, vele uhambe ngendlela uMoya oNgcwele akuhambisa ngayo. Umvuzo wakho uyofana ekupheleni kosuku.

23 O, Akathandeki na? Manje, ngobusuku, noma obubili, iNkosi ithanda, sifuna ukuqala izinkonzo zethu zokuphulukisa, sihamba kuMoya oNgcwele futhi sibhekisise ukuthi Wenzani. Manje, abantu abaningi bazobuza imibuzo, ikakhulukazi lapho abafana beyodedela lezizithombe zaleyoNsika yoMlilo, futhi kuzobakhona zonke izinhlobo zemibuzo. Ngakho ngithemba ukuthi ezinkonzweni zantambama, kanjalonjalo, ukuthi bayaniyala ukuthi lokho kuyini, niyabo, impela.

24 Bangaki abake basibona isithombe na? Ngiqagele cishe impela sonke sisibonile. Bekusemhlabeni wonke. Uma. . .Lesi lapha, esinaso manje, sathathwa lapha eHouston, eTexas, futhi sahlolwa yiFBI, lokho kusemlobweni weminwe nencwadi, okunguGeorge J. Lacy.

25 Futhi wathi kimi ngalolosuku, ngimi lapho esakhiweni sakwaShell lapho onke amaphephandaba abo, nokunye nokunye kwakukhona, wathi, "Mnu. Branham, bengingomunye wabagxeki bakho." Wathi, "Bengihlala ngisho ukuthi kwakuyinjulamqondo, ubufunda ingqondo yabantu, nalabobantu abathi babone ukuKhanya, kanjalonjalo," wathi, "Ngithe lokho nje kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo ngoba basetshenzwa kukho." Kodwa wathi, "Mfu. Branham, iso lomshini lalekhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Wathi, "Kwakulapho."

26 Ngakho uma noma ubani enibuza, ngininika umbono wami othobekile, uma uHlwitho belungafika kulobubusuku, futhi besiyohamba njengokuba, angikusho lokhu ukuba ngithobeke, ngikusho ngoba kuvela enhliziyweni yami, ngoba uma umuntu ekhuluma okuvela emlonyeni wakhe into engekho enhliziyweni yakhe, khona-ke ungumzenzisi, futhi mubi ukwedlula umphikinkolo, kodwa uma uHlwitho lufikile, nonke beniyo, mhlampe, nihambe phambi kwami, lelo yiqiniso.

27 Kodwa ngibonga kakhulu ukwazi ukuthi uNkulunkulu unakho, ngaphandle kwemfundo, ngaphandle kwamakhono, kodwa ngesiphiwo esithobekile, uNkulunkulu ungivumele ngizuze isigidi, noma ezimbili, imiphefumulo kuYe ngendlela, okwedlula konke engifanele ngikwenze. Futhi angina. . . ngiyaphuma, ngivele ngiyeke inhlanganyelo yami e, hhayi enhlanganyelweni, kodwa nje ikhadi lenhlanganyelo elivela ebandleni leBaptisti, iMissionary Baptisti, ukuze sibe

nenhlanganyelo nabantu bePentecostal, nabo bonke abantu, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian.

28 Futhi ngine. . . Ngibe nesimemo sokujoyina i—i-Assemblies of God, iChurch of God, ne—ne—nePentecostal Holiness, ne-Oneness, ne—ne—ne-United Pentecostals, nawo onke amaqembu ehlukene, onke angamadoda akahle, ngokwazi kwami, kukhona amaKristu kuwo onke. Kodwa ngizamile ukuma esikhaleni phakathi kwabo bonke, futhi ngithi, "Singabafowethu, asi . . . " Futhi lokho kuthonya okuncane enginakho ngeVangeli, uNkulunkulu angiphe khona, angizami neze ukukubeka kunoma yiziphi izinhlangano ezithile, kodwa kuKristu, ukuze bonke babone futhi bakholwe kuYe.

29 Manje, i, lokho kuKhanya, ake ngifinyelele kuKho umzuzwana nje ngoba izikhathi eziningi . . . Kuthathwe eJalimane maduze nje. Babuza ukuthi ngabe amakhamera abo . . . Futhi iJalimane inengilazi eqoqa ukukhanya *impela*, sonke siyakwazi lokho. Futhi ngangisekudleni kwasekuseni kwabefundisi nabaningi . . . kwakungekho noma iyiphi iPentecostal, bonke babehlukile, iSheshi, kanjalonjalo. Futhi babuza ukuthi ngabe, ngiqagele babebaningi ekudleni kwasekuseni njengoba ekhona ohlezi khona lapha, uma ikhamera yabo ibingakuthatha.

Ngathi, "Angazi, Lokho ngokukaNkulunkulu." Futhi abaningi babo babezisho ukuthi babekubonile ukuKhanya. Futhi ngakho, ngase ngithi, "Awu, une . . . "

"Besingakuthatha ukuKhanya, noma, sithathe izithombe na?"

Ngathi, "Wamukelekile." Babenohlobo oluthize lwekhamera *enkulu* eyayenza ukugingqika lapho iphenduka, o, enhle kakhulu, ikhamera enkulu.

30 Futhi kwase kuthi akube ngeleshumi nanye nqo emini, ngangimi enhlokweni yetafula, ngikhuluma namakhulu amaningana abefundisi. Futhi ngenkathi ngisakhuluma nalababefundisi, ngezwa uMoya weNkosi uza, ngathi, "Manje, Uyeza." Naleyokhamera yaqala ukusebenza ithatha izithombe, esinye emva kwesinye ngqo, kanjalo, khona phezu kwalapho engangikhona.

31 Futhi ngathi, "Lendoda emi lapha nokhololo wayo uphendukezelwe njengompristi," sasiseLausanne, ngiyakholwa ngalesosikhathi, esikhundleni seJalimane, ngathi, "ayisuye umSwiss, kanjalo ayisuye umJalimane," ngathi, "ingumNtaliyane, futhi ingumholi wamakhomanisi ayizinkulungwane ezimbili." Futhi ngathi, "Manje, ukudeda kukho, izama ukuphatha ikhaya elincane lezintandane phezulu ezintabeni. Isizathu sokuba ingakudlanga ukudla kwayo kwasekuseni, ngoba inenkathazo yesisu."

32 Futhi ngenkathi umhumushi enikeza lokho, leyondoda yavele yaquleka, futhi yawela epuletini layo. Ngathi, "Yidla ukudla kwakho kwasekuseni, ngokuba ngu ISHO KANJE INKOSI, uphulukisiwe," ngayitshela ukuthi igama layo lalingubani, ukuthi yayikade yenzani. Futhi ngenkathi bekhipha izithombe ukuba babone, bathatha—bathatha isithombe saKhe ehla, ngenkathi egcotshwa, nangenkathi Ehamba. O, he, lokho kwasusa sonke isitashi kulabo befundisi behlezi lapho ukubona ukuthi kwaku*khona* ubufakazi obubonakalayo.

33 Manje, ake sicabange nje umzuzwana, ngenkathi siseyingcosana nje, futhi nginomlayezo omfishane nje, kulobubusuku, ukukhuluma nani. Futhi-ke ngithanda ukubuza lokhu, nje, ake sicabange ngakho nje njenge—njengamakholwa: Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu khona-ke Angeguquke, Angakwenza yini, bazalwane? Akanasiphelo, ngakho-ke izinqumo zaKhe njalo zifanele ziphelele. Noma ngabe yini uNkulunkulu enza isinqumo ngayo, asisoze saguquka, ngoba Wathi WayenguNkulunkulu, futhi akaguquki. Ake sibuze lombuzo: Kungaba yini lokhu ukuKhanya na?

34 Khona, manje, khumbulani, akusikho nje ngenxa yami, yiBandla. Niyabo? Kimi, NguKristu.

Wena uthi, "Mfowethu Branham, uKristu engukuKhanya na?" Yebo.

35 Manje, siyathola, nalababefundisi abaqeqeshwe kahle. . . Futhi niyazi, ngobusuku lapho ngimi phambi kwamadoda kanje, aqeqeshwe ngempela, namadoda ahlakaniphile, enkonzweni, naseVangelini, naseBhayibhelini, nami ngimi lapha ngazi, nemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolimi, uma. . .nginenkimbinkimbi, qiniso. Amadoda amaningi ehlezi lapho kulobubusuku, ekude le ngaphezu kokwazi, noma, ekwazi kakhulu kunami, ukuba abe lapha emsamo, kodwa ukuwabona ethatha isihlalo futhi ahlale phansi emva kwami ukuba akhuleke, ngempela kuthambisa inhliziyo yami.

36 Manje, kodwa njengabefundisi basesontweni nje, nabafowethu, nodadewethu ndawonye, siyaqonda ukuthi sithola ukuthi ohambweni lwasehlane, ngokwesahluko 13, ngikholwa ukuthi yiso, sika-Eksodusi, amavesi ambalwa okugcina, "Ngiyathuma iNgelosi yaMi phambi kwenu, ukunigcina endleleni. Mesabeni, ngoba iGama laMi likuYe, Akazukunithethelela iziphambeko zenu."

37 Manje, sonke siyazi ukuthi leyoNgelosi yayiyiNsika yoMlilo. Ngabe kunjalo na? KwakungukuKhanya, iNsika yoMlilo eyahamba phambi kwabantwana bakwa-Israyeli, eyabaholayo. Manje, sonke siyazi ukuthi leyo kwakuyiNgelosi yesiVumelwano. Ngabe kunjalo na? OkwakunguKristu. Ngoba uKristu washo okufanayo kuJohane oNgcwele 6, ngenkathi bekhuluma, Wayekhuluma namaJuda lapho emkhosini, futhi Yena. . .bathi,

"Uthe ubone u-Abrahama, futhi awusiyo iNdoda engaphezu kwamashumi amahlanu ubudala na?"

38 Wathi, "Engakabibikho u-Abrahama, NGIKHONA. NgiyiDwala elalisehlane." WayeyiNsika yoMlilo, WayeyiNgelosi yesiVumelwano, ngakho WayenguKristu ehlane. Sonke siyakukholwa lokho, asikukholwa na?

39 Manje, ngenkathi leyoNsika yoMlilo, ukuKhanya. . .Futhi bangaki owaziyo ukuthi uNkulunkulu ungukuKhanya na? Impela, kuhle. Futhi ngenkathi uNkulunkulu eba yinyama, futhi wahlala emzimbeni Awudalayo, okwakuyiNdodana yaKhe ezelwe yodwa. . .U-Adamu wayeyindodana yaKhe, indodana edaliwe, kodwa uJesu wayeyiNdodana yaKhe *ezelweyo*. Futhi uNkulunkulu wayekuJesu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Lokho, sonke siyakukholwa lokho, wonke umKristu uyakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu, ngoba Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi."

40 UJesu wathi kuJohane oNgcwele 5:19, "Angenzi lutho, Ngibona uBaba ekwenza kuqala, futhi noma yini uBaba aNgibonisa yona, lokho Ngiyakwenza. Futhi uBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje."

41 Manje, sithola ukuthi lokho kuKhanya ngaleyonkathi kwenziwa inyama futhi kwagqokiswa. Manje, Wayenakho, uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, wayenoMoya ngaphandle kwesilinganiso. Ngabe kunjalo na? Kodwa sinaWo ngesilinganiso, kodwa NguMoya ofanayo.

42 Manje, uma siqaphela ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi uMoya oNgcwele ubuya, leyoNsika yoMlilo yavele yazehlukanisa Yona uqobo, neziLimi zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo, khona-ke bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi baqala ukukhuluma ngezilimi njengalokho uMoya wabapha ukuphimisela-. . .Manje, izilimi, njengamalangabi omlilo, zahlala phezu kwalowo nalowo wabo. Kwakuyini na? UNkulunkulu, ezehlukanisa Yena uqobo, uMoya lapho AyenoJesu enaWo ngaphandle kwesilinganiso, futhi manje sinaWo ngesilinganiso, kodwa NguMoya ofanayo.

43 Njengokuthi uma bengingaphuma lapha ngiye olwandlekazi, futhi ngithole isipunu samanzi agcwele olwandlekazi, awu lokho bekungeke kube ulwandlekazi, kodwa amakhemikhali afanayo asesipunwini asolwandlekazi lonke. Okusolwandlekazi kuphakathi *lapha*, kodwa lokhu ubunjalo obufanayo, kodwa hhayi ngobuningi. Ngakho thina, ngoMoya kaKristu, siba yingxenye kaKristu. Yiqiniso lelo.

44 Manje, sithola ukuthi ngenkathi uJesu elapha, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Manje, sithola ukuthi ngenkathi Efa, futhi wembelwa, futhi wavuswa futhi nguNkulunkulu, ehlezi

ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uSawulu waseTarsu wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku ngolunye usuku, futhi washaywa walahlwa phansi ngukuKhanya, mhlampe, iNsika yoMlilo, ukuKhanya, Kwakungakaze kubonwe amakhulu ngamakhulu ngamakhulu eminyaka. Futhi washaywa walahlwa phansi ngalokhu kuKhanya, nePhimbo lamemeza, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Futhi wathi, "Ungubani Wena, Nkosi."

45 Wathi, "NginguJesu." Wayevele eNsikeni yoMlilo, enziwe inyama, wakha phakathi kwethu, wabuyela eNsikeni yoMlilo, ukuKhanya. Ofanayo wangena etilongweni, wayesekhipha uPetru, wahamba phambi kwakhe, wavula iminyango, wayesemkhipha.

46 Manje, uma Lokho kungukuKhanya okufanayo, uMoya ofanayo, Uyokwenza eBandleni into efanayo Owayenzayo ngenkathi WawukuYe, ngokuba Wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, "Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, eminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi."

47 Ngamany'amazwi, umzimba wenyama, iNdodana, wawungeke ungene kulowo nalowo, kodwa uMoya kaNkulunkulu owawukuYe ungabuya, ngoba UnguNkulunkulu ezehlisa eNsikeni yoMlilo, noma ubani othinte intaba ufanele abulawe, agwazwe ngenkemba; khona-ke uba nguMuntu, wahlala phakathi kwethu, waMthinta, waMkholwa; Wabethelwa ngenxa yezono zethu, futhi wavuswa ngenxa yokulungisiswa kwethu; khona-ke ngeGazi laKhe elilungileyo, siyahlanzwa ukuze uNkulunkulu angene kithi futhi ahlanganyele: UNkulunkulu enza indlela yaKhe uQobo ebuyela enhlanganyelweni nabantwana baka-Adamu, njengoba Enza ngo-Adamu ngaphambi kokuwa. Futhi sihlengiwe kuso sonke isiqalekiso sokuwa, futhi manje sinesiBambiso sensindiso yethu.

48 Kimi, bazalwane bami, kimi, hhayi ngoba ukuKhanya. . . Akazange nje athathwe isithombe saKhe ngoba kwakuyimi lapho, qhabo, mnumzane, kungenxa yoMlayezo wePhentekoste engiwumele. Uphandle kakhulu nje impela *lapho*, futhi akunandaba ukuthi isiphiwo singasebenza kangakanani *lapha*, sifanele sisebenze *lapho* futhi. Angikwazi ukwenza lezizinto ngaphandle kwenu, sifanele sibe ndawonye njengoyedwa, sifanele sibe ndawonye.

49 UJesu, ngenkathi Eya ezweni laKhe uQobo, imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo, futhi sifanele sikholwe yizinto ethunyelwe kithi. Futhi ngiyazi, mfowethu ongumKristu, dadewethu, kube nezinto eziningi ezishiwo ebezingenjalo, kodwa nje kuhlole

ngomBhalo futhi ubone ukuthi kuqinisile yini. Khona-ke uma kungumBhalo, noNkulunkulu ekufakazela, khona-ke lokho kuqinisile, lowo nguNkulunkulu ekhuluma ukuthi kuyiqiniso, kuqala ngeZwi laKhe, bese-ke kuba ngokukuqinisekisa, ukuthi kuyiqiniso.

50 Ngakho mayelana nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngiyawukholwa ngeqiniso ngayo yonke inhliziyo yami. Ngiyakholelwa kuzo zonke iziphiwo zikaMoya, isiprofetho, ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, nazo zonke izinto ezinkulu ezingena eMzimbeni kaKristu. Futhi ngiyakholwa ngaMoya munye sonke sibhaphathizelwe kulowoMzimba, futhi singamalunga, nezakhamizi zakithi zoMbuso kaNkulunkulu, nabazalwane nodadewethu bokholo oluyigugu olufanayo. Ngimi kanjalo-ke, kulobubusuku.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngaphambi kokuba sifunde indikimba okomlayezo omfishane.

51 Nkosi enomusa, sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa, Nkosi, hhayi isihlalo saKho sobukhosi sobulungiswa, besingeke sisimele, Nkosi, ngokuba asinxuseli umthetho waKho, asinxuseli ubulungiswa baKho, kodwa sicela umusa waKho. Yiba nomusa kithi, Nkosi, futhi ukhumbule ukuthi siluthuli lomhlabathi, futhi singaphansi kwazo zonke izinhlobo zamaphutha, futhi siyakhuleka ukuthi Uzosithethelela, njengoba ngokuzithoba sivuma amaphutha ethu.

52 Sikhulekela wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu, kulobubusuku, ukuthi Uzoba yilokho, uMsindisi kubo, noMphulukisi, neNjabulo yabo, nokuThula kwabo, nesiHlangu sabo, nesiVikelo sabo, nokuHlala kwabo—kwabo. Siphe khona, Nkosi.

53 Njengoba siphenya izivalo zaleNcwadi, noma yimuphi umuntu ngokwenyama okwazi ukuvula izivalo angakwenza lokho, kodwa kuthatha uMoya oNgcwele ukuvula iZwi. Siyafunda eBhayibhelini ukuthi Lowo owayehlezi esiHlalweni sobukhosi wayeneNcwadi, futhi Yayinamekwe ngophawu ngaphakathi nangaphandle, futhi yayinamekwe ngophawu ngemuva. Futhi kwakungekho-muntu eZulwini, kungekho-muntu emhlabeni, noma ngaphansi komhlaba owayefanelekile, noma akwazi ukuthatha iNcwadi esandleni saKhe ohlezi esiHlalweni sobukhosi. Futhi nakho kufika iWundlu elalikade lihlatshiwe selokhu kwasekelwa umhlaba, futhi Lathatha iNcwadi, laqaqa izimpawu zayo, futhi laYivula.

54 O Wundlu, woza kulobubusuku, phakathi kwethu, futhi uthathe iNcwadi, futhi uvule izimpawu zayo, futhi usithukululele iZwi, futhi usondle ngaLo njengoMelusi wethu wezimvu omkhulu, futhi thina izimvu zaKho, sifisa *kakhulu* uKudla kwezimvu. Siphe khona, Nkosi, ngokuba siyazi ukuthi YiZwi laKho. IZwi laKho liyiQiniso.

55 Sikhulekela ukuthi iNgelosi enkulu kaNkulunkulu, iziNgelosi phansi naphezulu kulesisikhala sezihlalo zizokwenelisa wonke ongakholwayo, kulobubusuku, ukuthi banephutha. Futhi wonke umuntu ongenaMoya oNgcwele, umfana noma intombazane, noma umntwana, kwangathi bangemukela uMoya oNgcwele, kulobubusuku.

56 Phulukisa abagulayo nabahluphekile, thola udumo kuWe uqobo. Futhi busisa imizamo yethu ebuthakathaka njengoba sinikela inkonzo yethu. EGameni likaJesu Kristu, nangenxa yenkazimulo yaKhe, simile. Amen.

57 Ngendlela yendikimba, ngithanda ukuthatha amazwi ayisikhombisa e—evesini elithize eBhayibhelini. Futhi lokhu, kusobala, kwakunguJesu ekhuluma ngomshado nesahlukaniso. Kodwa angifisi ukusondela kukho lapho, ngifuna nje amazwi ngenhloso. Kutholakala esahlukweni 19 sikaMathewu, nevesi 8, namazwi okugcina ayisikhombisa: *Kepha Kusukela Ekuqaleni Kwakungenjalo*.

58 Uma niqaphela, yonke into esinayo namhlanje yaqala kuGenesisi. UGenesisi yisahluko sokuqala. U*Genesisi* kusho "ukuqala." Yisahluko sembewu eBhayibhelini. Ngempela ungathatha umlando, njenge *Two Babylons* kaHislop, nababhali abehlukene basendulo, futhi angacishe impela alandelele iBandla leqiniso, nezinkoloze, nakho konke namhlanje, ezansi ngqo kuGenesisi, ukuthi kukhuphuka kanjani, kusuka ngqo kuKayini no-Abela, kubakhuphule ngqo, oyedwa, umkhonzi nomphikukristu, nomunye emele uKristu, futhi abalethe eKalvari.

59 Abantu abaningi ubona iziphambano ezintathu kuphela eKalvari, zazizine. Omunye wabo kwakuyisela ngakolunye uhlangothi, isela ngakolunye uhlangothi, uJesu phakathi nendawo, noJuda wazilengisa emthombeni, okuyisiphambano, "Uqalekisiwe olenga emthini." Futhi kwakukhona iNdodana kaNkulunkulu, yavela kuNkulunkulu, ibuyela kuNkulunkulu, ihamba naYo isoni esiphendukile; indodana yokulahlwa ivela esihogweni ibuyela esihogweni, ihamba nesoni esingaphendukile.

60 Futhi cishe ngesikhathi uKristu athulula ngaso uMoya oNgcwele waKhe, Kufika enkundleni, umphikukristu uyafika enkundleni; cishe ngesikhathi nje, kulolu izinsuku zokugcina, lapho uMoya oNgcwele uqala ukuZembula, umphikukristu uyazembula; futhi cishe ngesikhathi sokufika kukaKristu, umphiki-moya uyafika futhi, umoya womphikukristu. Ngakho siyabona basebenza omunye nomunye, UJesu wathi, "Kusondele kakhulu, kuyoze kudukise nabakhethiweyo, uma kwakunokwenzeka."

61 Ngiyehluka kowethu omkhulu, uMfowethu Billy Graham odumile emlayezweni wakhe ngolunye usuku, washo ukuthi

umphikukristu usevele udukise abakhethiweyo, kodwa angikukholwa lokho, ngoba akunakwenzeka, bakhethwa namagama abo afakwa eNcwadini yokuPhila ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi iWundlu lihlatshwa.

62 Manje, ukuthi ubani, angazi. Niyabo? Kodwa iWundlu lahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi umphikukristu uyodukisa bonke phezu komhlaba abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni kwezwe. Ngakho niyabo, siyadonsa futhi sibamba ngenethi ukuzama ukuthola lapho labobantu bekhona, ukuthi igama labo lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu. "Bonke Ayebazi ngaphambili Ubabizile, labo Ayebazi. . .babizile, Wabalungisisa, labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile."

63 Ngakho sifanele sesabeni na? Into yakho ingukuthi, wena uthi, "Awu, sizovele nje siphile ngokukhululeka," lokho kukhombisa ukuthi igama lakho alikho eNcwadini. Kunjalo impela. Lokho kufakazisa ukuthi wawungekho, lapho uzama ukuphila noma yiluphi uhlobo lokuphila, futhi, ofuna ukuluphila, lokho kukhombisa ukuthi awunaWo. Uma ungumKristu wangempela, uzophila ukuPhila kwangempela, ngoba ukuPhila kukaKristu kukuwe, futhi akukho okunye ongakwenza ngaphandle kokuphila ukuPhila kukaKristu.

64 Manje, siyathola ekuqaleni. . .Bengiza ngehla ngomgwaqo kulentambama, futhi ngithola ukuthi lelidolobha liyikhaya lalo *Funk Hybrid Corn* odumile. Ummbila obhasteliwe, wawunjani. . .Ngiwubonile esizweni sonke, *okaFunk*, ngikholwa ukuthi yikho, *Hybrid Corn*. Futhi bengiza ngehla ngo 150 kulentambama, futhi mina, noma, namhlanje, cishe emini, futhi ngabona, kwathi, "Bloomington, e-Illinois, ikhaya le *Funk Hybrid Corn*." Futhi ngacabanga, "Awu, manje leyo yi—yinto enkulu, ngummbila omuhle, kodwa awulungile." Awumuhle nakancu. Noma yini ebhasteliwe ayilungile, iyinto ephendukezelwe, futhi a—ayisiyo eyasekuqaleni. Futhi noma yini engesiyo eyasekuqaleni ayilungile. UNkulunkulu wenza yonke into yaba kahle ekuqaleni.

65 Futhi manje, ngithanda nje ukwedlula lokhu, ngokuthi ngisesikoleni, futhi ngithanda ukuba omunye achaze lokhu: Niyazi, sitshelwa ukuthi safika, futhi ngenguqunguquko sikhule sisuka ekubeni ngunoshobishobi saba yinkawu, bese-ke kuba ngumuntu. Ukuhlanya kanjani lokho, ngenkathi uGenesisi isahluko 1, nevesi 11, uNkulunkulu wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Uxubanisa leyombewu, iyakubulala khona lapho, ayisoze yathola noma yini enye ngaphandle kwalokho, kunjalo impela. Ungabhastela ummbila, lokho kuqinisile, futhi wenze esihle, isikhwebu esikhulu sommbila, kodwa ungeke ubuye uwutshale lowommbila bese uthola omunye ummbila obhasteliwe. Usuqediwe masinya nje lapho usuwenze isitshalo sawo sokuqala, ubuyela emuva ngqo futhi.

66 Ukuzalanisa imfuyo, ungathatha umnyuzi . . . Uyini umnyuzi na? Umnyuzi umama wawo wayeyihhashi lensikazi, ubaba wawo kwakuyimbongolo. Ngakho niyabo, i . . . Kodwa umnyuzi ungeke uphinde uzale futhi uthole umnyuzi, usuphelile, awuzali, yilokho kuphela, lokho kuyawuqeda.

67 Ngakho lokho kufakazisa isayense, behamba ensimini okungeyabo uqobo, bayifakazisa ngokungesikho impikiswano yabo uqobo. Kunjalo, yiqiniso, ngoba ungeke wazalanisa noma yini enjengaleyo futhi—futhi uthole okunye okusanhlamvu kukho, nina balimi niyakwazi lokho. Ummbila wakho obhasteliwe ungeke ubuye utshalwe, awunasivuno, awulungile. Ekugcineni, uzidlalela wona ngokuphelele uphume. Akukho okubhasteliwe okunga—okungahlala isikhathi eside.

68 Kodwa bekungumqondo womuntu kusukela khona impela ekuqaleni kwesikhathi ukuzama ukwedlula ukuhlakanipha, noma enze into enkulu kunoMdali wakhe. Ufuna ukuba . . . ufuna ukukhombisa uMdali wakhe ukuthi uhlakaniphe ukwedlula Yena. Wenzani na? Nje, uNkulunkulu uyamdedela ahambe, futhi ekugcineni uyazibulala.

69 Kwakukhona isihlahla ensimini yase-Edene esasibizwa ngoMuthi wokuPhila, kwakukhona owodwa owawubizwa ngoMuthi woLwazi. Ngenkathi umuntu eshiya uMuthi wokuPhila, lapho ayedla khona ukuba aphile phakade, ukuluma kokuqala akuthatha eMthini woLwazi wazehlukanisa noNkulunkulu, futhi waletha ukufa emphefumulweni wakhe. Kunjalo. Futhi kusukela ngaleyonkathi, njalo lapho eluma kulowoMuthi woLwazi, uyazibhubhisa.

70 Ushaya impushana yesibhamu, ubulala umfowabo, umngani wakhe. Ushaya imoto, isayense. Wenzani na? Ubulala ngaphezu kwazo zonke izimpi zihlanganisiwe. Usezitholele ibhomu lehayidrojini manje, angazi ukuthi uzokwenzani ngalokho.

71 Niyabo, umuntu uzibhubhisa yena uqobo ngokwazi, futhi akasoze, ngemfundo noma ulwazi, ake athole indlela yakhe ebuyela kuNkulunkulu. Futhi lowomuthi, ufa ngalowomuthi. Sizame ukufundisa abantu kukho, sizame ukuhlela abantu kukho, ungeke wakwenza, kuzofanele kube ngokukokuqala kukaNkulunkulu, icebo lasekuqaleni, ngeGazi sibuyela kuNkulunkulu. Leyo yindlela kaNkulunkulu neyaKhe . . . Wabeka phansi lesosisekelo ensimini yase-Edene, futhi asikaze siguqulwe, futhi asisoze. Kuphela ngegazi elichithiwe uNkulunkulu uzovuma ukubuyisana kwesoni, kungeGazi likaJesu Kristu elichithekileyo manje.

72 Manje, siyathola, kodwa njalo uzama ukwedlula ngokuhlakanipha, enze okuthile okungcono. Futhi kuyiqiniso, wenza uhlobo oluhle kakhulu, kodwa lokho akukwenzi kube ngcono. Futhi useyacabanga manje, useze wathola ngisho nenkolo ebhasteliwe, ngakho ngiyamangala nje ukuthi

uzokwenzani ngalokho, ukuthi ufike kuphi naleyondawo. Kodwa njalo uzama ukwedlula ngokuhlakanipha uMenzi wakhe. Ucabanga ukuthi wazi kangcono, futhi—futhi u . . .

73 Futhi uNkulunkulu akabhubhisi lutho neze, umuntu uzibhubhisa yena uqobo ngokwazi kwakhe. UNkulunkulu akabhubhisi lutho, ngumuntu, ngokwazi kwakhe, uzibhubhisa yena uqobo. Ngakho, ngakho-ke uma ningathatha isikhathi, nibuyele emuva emiBhalweni, futhi nilandelele uzalo lukaKayini bese-ke kuba uzalo lukaSeti, nizothola ukuthi u—uzalo lukaKayini kwakungamadoda ahlakaniphile, ososayense, abasebenzi bokhuni, abasebenzi bensimbi, ososayensi, futhi bonke babhubha embubhisweni yangaphambi kukazamcolo. Kodwa uzalo luka—lukaSeti babethobekile, abalimi, abafuyi bezimvu.

74 Ngakho niyabo, kuhlala njalo kuyilababantu, lapho namhlanje sigcizelela kakhulu kakhulu kwabakhaliphile nobuhlakani, abaningi bethu bantu sikhetha umelusi wethu webandla lethu, sifuna umuntu ohlakaniphe kakhulu ngempela, okhaliphile, one Ph.D., abaphindwe kabili oL.D., iQ.S.T., zonke izinhlobo zezinto emva kwegama labo, futhi mhlawumbe akazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Manje, lelo yiqiniso. Manje, lokho ukuphawula okuluhlaza, thethelelani isisho esinobuluhlaza, kodwa lokho kuyiqiniso. Angahle azi zonke izinhlobo zesayense yezenkolo yeBhayibheli nezivumokholo, kodwa akazi lutho ngoNkulunkulu.

75 Ngingaqoka ukuba nendoda nomntanami, imholela kuNkulunkulu, eyayingawazi umehluko phakathi kukabhontshisi ohlukanisiwe nekhofi, futhi—futhi yazi uNkulunkulu emandleni okuvuka kukaJesu Kristu, kunokuba nayo yonke isayense yezenkolo obungakhuluma ngayo, futhi imthathele isihlalo esikhulu esiwubukhazikhazi ndawondawo, imguqise phansi, futhi asho izinto ezimbalwa, ngingaqoka ukuba naye phandle lapho ensimini yommbila, noma esiqintini sensikane yesihlahla esiveza imbali ngasesiqwini ndawondawo, imkhulekela kuNkulunkulu. Kunjalo. Buyela kokwasekuqaleni. Asimazi neze uNkulunkulu . . .

76 Eminyakeni embalwa edlule, babecabanga ukuthi babengafundisa abantu. Futhi sinani manje na? Isigejane sabahedeni abafundile. Kuyikho impela. Futhi balukhuni kakhulu ukubhekana nabo kunabahedeni abangafundile.

77 Manje, ngike ngaba se-Afrika, futhi ngiye ngaba yisithunywa senkolo eThailand, nasemhlabeni wonke jikelele, empeleni zonke izizwe ezingaphansi kwamazulu, futhi angikaze empilweni yami ngibone abantu okunzima ngokwedlulele ukubhekana nabo kune-U.S.A. Uma kukhona noma yikuphi lapho bedinga khona isithunywa senkolo ngempela kuse-

United States of America, ngoba umhedeni ngongakholwayo, nongakholwayo ofundile ulukhuni kakhulu ukubhekana naye kunalowo ongafundile. Manje, lokho, angikusho lokho ukuba ngibe luhlaza, kodwa lelo yiqiniso, futhi ngibophezelekile futhi ngizodingeka ngiphendule ngoSuku lokwaHlulela ngamazwi ami. Lelo yiqiniso, ongakholwa, indoda ekhaliphile, usosayense onobuqili, nokho ukholwa kuze kuyofika emnyombweni, futhi wayenjalo noKayini.

78 Uma uNkulunkulu kuphela edinga umuntu ukuba aye esontweni, akhe i-altare, futhi akhonze, uKayini walungisiswa nje njengoba u-Abela wayenjalo, bobabili abafana bakha i-altare, bobabili abafana bakhonza, bobabili benza imihlatshelo, bobabili bakholwa kuNkulunkulu. Kodwa kwenzekani na? OkaKayini wenqatshwa ngoba akafikanga ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. "Futhi kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa."

79 Akunandaba ukuthi uzama kangakanani ukuya esontweni, ukuthi ungowamabandla amangaki, lokho akuhlangene ngalutho nakho, akusho lutho kuNkulunkulu, akusho ngisho nokuthi usuqale ngisho nesisekelo sokuqala sensindiso. Insindiso ayizi ngehlelo noma ngemfundo, ifika ngesehlakalo sokuzalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, noMoya kaKristu uphila emzimbeni wakho. Manje, lelo yiqiniso.

80 Manje, sithola ukuthi emuva lapho ekuqaleni, ngenkathi abantu beqala ukuzama ukuphendukezela lokho uNkulunkulu ayekudalile, umuntu uzama ukuphendukezela ukukwenza kube kuhle kakhulu, akwenze kukhange kakhulu. Futhi ngifisa sengathi benginesikhathi sokuya kini nje, ukuthi kwenzekani empendukezelweni.

81 Niyazi ukuthi yini ebanga umdlavuza na? Ukudla okuphendukezelwe. Kunjalo impela. Yini. . .Bathi, ososayense basho ukuthi eminyakeni engamashumi amabili ubude uma belokhu bevumela abesifazane badle inkukhu, nezinto, lokho yilezizinkukhu ezibhasteliwe, kanjalonjalo, ukuthi ngeke besakwazi ukuba nabantwana nhlobo; uhlanga luyoshabalala ngoba owesifazane akakwazi ukuzala ingane.

82 Kwenzekeni ngokuphendukezela na? Sifanele sidle uhlamvu lwento emsukeni wayo. Kodwa okuyikho, izwe manje, isizwe phakathi, sisesimweni esikhulu kakhulu nje sempendukezelo. Ba—bathathe izinkukhu futhi bazizalanisa, kanjalonjalo, futhi benza izinkukhu ezibhasteliwe, kuze kuthi inkukhu bandla ingaphila unyaka kuphela. Inyama yayo ithambile kakhulu, futhi bayenza ukuze ingabi ngisho namaphiko, noma, nhlobo. Ngani, isesimweni esibi kabi! Futhi ba—ba—badla leyonyama kuwe, izinkomo ezibhasteliwe, nakho konke. Kodwa lokho akusikho. . .Lezozinkukhu azikwazi ukuzizalanisa zona zibuye,

kanjalo nezinkomo ngeke. Zibhasteliwe, zingeke, ziphelile. Kunjalo impela.

83 Futhi lapho ibandla liba ngelibhasteliwe, seliphelile, ligugulekile. Angiqondile ukuba luhlaza, kodwa ngifanele ngibe qotho, ngingahle ngingahlangani namunye wenu neze, e, abanye benu lapha kusukela kulobubusuku kuqhubeke, singahle singakuboni ukufika kokusa, kodwa-ke sifuna ukwethembeka, futhi yonke imizuzu yokuphila kwethu sifanele sethembeke.

84 Thatha umnyuzi, umnyuzi uyinto eyisimungulu kunazo zonke engizaziyo. Akunandaba ukuthi uke wenzeni, angeke wawufundisa noma yini. Ngani na? Uyibhastela. Yilokho kuphela. U . . . Awusoze wawufundisa lutho, noma uwufundise noma yini, uvele uhlale lapho nje. Ungawubiza, awunalo uthando, uyoma lapho uvule amadlebe awo futhi uthi, "O, o." Awazi, uyimbongolo nje, ungumnyuzi.

85 Kungifaka emqondweni wabanye abantu, abanye balena yesimodeni, inkolo yomnyuzi emnandi namhlanje abanayo, inkolo ezalanisiwe, njengesigejane sezimbongolo sihlezi, futhi bathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, UnguMphulukisi, Unikeza umbhaphathizo kaMoya oNgcwele," bayompompoloza, "*O*, *o*, izinsuku zezimangaliso selwedlule, *o*, *o*." Niyabo, abazi ukuthi bavelaphi. Umnyuzi awazi ukuthi ubani umama wawo, ukuthi ubani ubaba wawo, futhi usuphelile noma kanjani. Awazi, akukho lutho kuwo, uyi—uyi, into nje eyivezandlebe.

86 Futhi yileyondlela ezinye zezinkolo zethu eziyitholayo. Kunjalo. Abalazi iBhayibheli, abamazi uNkulunkulu, into kuphela abayaziyo ukuthi kukhona nje uhlobo oluthile lwendawo oya kuyo enkonzweni, omunye wabangenisa njengamalunga, baletha incwadi yabo iletha evela kwe*linye* ibandla elithize, futhi bazingenisa ku*leli*bandla. Bazohlala emhlanganweni imizuzu embalwa uze usho into abangayithandi, futhi abanakho ngisho okuhle, ukukhuliswa okuhloniphekile, bayosukuma futhi baphume, lowo ongeyena ngisho umMelika.

87 Umama wami wangikhulisa ngokuhlakanipha okungcono kunalokho. Uma ngiye emhlanganweni, bengiyoba ngumnumzane ohloniphekile ngokwenele ukuba ngihlale ngithule futhi ngilalele, noma bengingeke ngisho ngihambe endaweni yokuqala. Kunjalo. Lokho akukhombisi ngisho ukukhuliswa okuhle. Akumangalisi sinobuhlongandlebe bentsha, sinenqwaba yobuhlongandlebe babazali okwakubangela. Kunjalo.

88 Manje, kuyihlazo elinjani pho ebandleni, nakuKristu, nasembangeleni! Yebo, umnyuzi, uyibhastela elidala nje elingazi lutho, awazi lutho, kuphela okwaziyo . . . Futhi uyolinda impilo yonke ukuba ukukhahlele lapho usufa, kunjalo, noma ubani uyazi noma yini ngomnyuzi.

89 Kodwa, o, ngiyalithanda ihhashi elihle lohlobo, akukho lutho oluhle ngokwedlulele. Lingelohlobo, liyazi ukuthi kwakungubani ubaba walo, ukuthi kwakungubani umama walo, ukuthi wayengubani umkhulu walo, ukuthi kwakungubani ukhokho kakhokho walo, lingelohlobo.

90 Futhi ngithanda ukubona elihle ngempela, ibandla lohlobo, nomKristu owaziyo ukuthi uBani uBaba wabo, owaziyo ukuthi uNkulunkulu unguYise wabo, uyazi ukuthi bazelwe nguMoya oNgcwele, bangakulandelela emuva kuzo zonke izizukulwane, kusukela le emuva ekuqaleni. Hhayi ukuthi, "Saqala ngenkathi uLuther ekwenzile. Saqala ngenkathi uWesley ekwenzile. Saqala ngenkathi omunye umuntu ekwenzile." "Saqala ngenkathi uKristu ethulula uMoya waKhe ngoSuku lwePhentekoste," owohlobo. Amen. Mfowethu, khuluma iZwi likaNkulunkulu, angathi, "Amen," kulo. Makathole uMoya oNgcwele, wenza nje impela njengoba benza ekuqaleni, ngoba uyimpahla yohlobo.

91 *Whewu*! Ngizizwa ngithi ukukholwa khona manje. Yebo, amen. Uguliswa kakhulu yilento endala eyisitashi. Ngiyayithanda inkolo yangempela, yangempela, amandla angempela kaNkulunkulu, niyabo. Kungani sifanele sibe yilezi izimbongolo ezindala ezizalaniswa nazo zonke izinhlobo zezinto ezixutshiwe, futhi awazi ukuthi sivelaphi, singabakuphi na? "Uma amaMethodisti engasiphathi kahle, sizojoyina amaBaptisti. AmaBaptisti awasiphathi kahle, siya kwiPresbyterian, noma kwenye indawo."

92 Asibuyele emuva eKalvari futhi sithole isitokwe sangempela sikaMoya oNgcwele kithi, khona-ke uyazi ukuthi umi kuphi, niyazi ukuthi uBaba wenu Ungubani, futhi ngaso sonke isikhathi ngaleyonkathi, iBhayibheli lisho noma yini, niyigcizelela ngo, "Amen." IBhayibheli lathi, "UJesu Kristu unguye izolo, naphakade."

Imbongolo endala ithi, "Angazi ngalokho."

93 Kodwa owangempela, owohlobo lwangoqobo uthi, "Amen!" Yebo, mnumzane, ungowohlobo. Ukuzala kwakhe kuvela le ePhentekoste, kwehle njalo, ngakho uyazi ukuthi umi kuphi. Ungolwangempela, udatshana lwangoqobo lukaNkulunkulu, ozelwe nguMoya oNgcwele, egezwe eGazini leWundlu.

94 LeloBandla elincane lehlile iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu eminyakeni yobumnyama, kwaze kwathi ngempela Kwaba sengcosaneni ngesibalo. Ngangikhuluma nompristi ngoluny'usuku owayenengxoxiswano, wathi, "Siqala ePhentekoste."

95 Ngathi, "Lelo yiqiniso impela, kodwa kungani udedile, yilokho engifuna ukukwazi. Waze walahlekelwa kanjani na?" Ngathi, "Abakufundisa emuva lapho, uma lowo

kwakunguphapha wokuqala, uPetru wayenguye, pho kungani ungakwenzi namhlanje na?"

Wathi, "Awu, sinokuthethelelwa kwezono. Siyakholwa ukuthi uJesu wathi, 'Enibathethelela izono zabo, bathethelelwe.'"

96 Ngathi, "Yiqiniso lelo." Ngathi, "Bese-ke ubaxolela ngendlela uphapha wokuqala enza ngayo ngoSuku lwePhentekoste. Ngase-ke," ngathi, "Ngiyimfashini endala, ngiyiKatolika eliyimfashini endala." Ngathi, "Bekuyini na? Onyakeni webandla wesibili bathola lokho abakubiza nge 'misebenzi,' uJesu wathi, 'yamaNikolawu.' *Nikao*, 'nqoba' abantu abangafundele lutho. Futhi onyakeni wesithathu khona-ke, iSmirna, unyaka womshado. Kwase kuthi-ke kufika iThiyathira, futhi benza inhlangano enkulukazi, futhi balehlisa, futhi bamisa yonke into, nalesosigejane esincane samakholwa eqiniso asePhentekoste agxotshwa phansi."

Wathi, "Ngani, kufakazisa ukuthi ibandla eliKatolika liyibandla elikhulu, buka izivunguvungu ezinkulu elibhekane nazo."

97 Ngathi, "No—nohulumeni nakho konke okunye emva kwalo, nazo zonke izikhulu na? Lokho akusiyo imfihlakalo. Yali*vuselela* kanjani iPentecostal nakho konke okumelene nabo ngaphandle kukaNkulunkulu na?" Amen. Kodwa sisalokhu simi nombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

98 Kungani nifuna ukuthatha isibambiso lapho izibhakabhaka zigcwele amandla angokoqobo ePentecostal na? Kungani ngingathatha ukuxhawula, noma ukuzisho kweso elomile, lapho uMoya oNgcwele ugcwalisa igumbi, futhi ulungele ukugcwalisa inhliziyo yakho ngelangempela, iPhentekoste langokoqobo na? Kungani singathatha esinye isibambiso sakho na? Mangibe noKristu. Amen, ngempela.

99 Futhi uma ukuPhila kukaKristu kukuwe, Kuyokwenza into efanayo. Lelo kwakuyibandla likaNkulunkulu eliyisibonelo, kwakuyiPhentekoste. Uma sizisho ukuthi siqala lapho, khona-ke kwenzekeni na? Kwenzekeni emgwaqeni na? Sizofika kukho kamuva, uma nje nizongibekezelela kancanyana.

100 Manje, qaphelani, manje, sithola ukuthi kulelibandla elikhulu, lonyaka omkhulu wempendukezelo, ongqingili, ngacosha iphephabhuku, noma, kwakungesilo iphephabhuku, kwakuyiphephandaba eCalifornia emavikini ambalwa edlule, ngenkathi ngangilapho eLos Angeles, futhi bathi ongqingili base benyuke amaphesente angamashumi amane. Cabanga ngakho, amaphesenti angamashumi amane kulokho okwakuyikho eminyakeni embalwa edlule. Kuyini na? Impendukezelo. Abesilisa, abesifazane, yonke into iya ngokuphendukezelwa. Akusekho emuva kokwasekuqaleni. Okuvamile, okwemvelo yokuphila kuyaguqulwa kumuntu, umqondo wakhe uguquliwe,

umoya wakhe uguquliwe, uguqule yonke into kusukela kokwasekuqaleni. O, akusiyo yini into edabukisayo na? Kungenjalo . . .

101 Awu, yilokho impela iBhayibheli elakusho, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UNkulunkulu angethulule uMoya waKhe phezu kwabantu abalungile futhi abe ngolungileyo, bafanele bangene kulesisimo benzele izahlulelo zikaNkulunkulu. Futhi sesilapho manje, bangane. Uma nje unamathela lonke iviki, mhlawumbe iNkosi izokwembula, futhi sizobona ukuthi yini . . . sisondele kangakanani, ngobunye balobubusuku, ekuFikeni kweNkosi. Ungalokothi ucabange ngezixuku ezinkulu, yidlanzana, yiBandla elincane uNkulunkulu alilandelayo, kukhumbuleni lokho. Kulungile.

102 U-Eva waba ngowokuqala ukuphendukezela isintu, waba nguye, u-Eva, omele ibandla. Owesifazane eBhayibhelini njalo umele iBandla. UKristu uzela intombi emiselwe. Isifebe esidala seBhayibheli sasibizwa ngokuthi, "ibandla elihlezi phezu kwamagquma ayisikhombisa," ibandla lamaRoma, nokho, ibandla, futhi sasinamadodakazi, okwakungamanye asilandela futhi aphuma kuso, azalwa yiso, emigoqweni yabo efanayo yamahlelo nento efanayo, uhlobo olufanayo lwenqubo.

103 Kulawomabandla ngabantu abakahle, kodwa yinqubo ebabophayo, akusilo ibandla qobo lwalo, kungukuthi, abantu ebandleni, yinqubo emva kwalo ebabophayo, ibafaka endaweni, ihlakaza inhlanganyelo, ingeke ibavumele baqhubeke noNkulunkulu. Kuyinto edabukisayo, kodwa yilokho okukwenzayo. Yilokho uNkulunkulu akuzondayo, hhayi abantu phakathi lapho, kodwa inqubo ebabophayo yilokho Akuzondayo, ngabe leyonhlangano ebatshela ukuthi uma beya kwelinye ibandla bazokhishwa ebandleni, nabantu abazi ukuthi bazokwenzenjani. Bayokukhokhela ngolunye usuku.

104 Kodwa u-Eva, waba kanjani ngophendukezelwe ukuqala inkolo yokuqala ephendukezelwe na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . umzuzwana. Kuyilokho akwenza. USathane wamnika *elinye* leZwi likaNkulunkulu.

105 Yilokho impela uSathane azama ukukwenza sonke isikhathi, yilokho akwenzayo kulobubusuku, yilokho akwenzayo ezikoleni zeBhayibheli, yilokho akwenzayo kulamakholiji esayense yezenkolo, unikeza elinye leZwi bese-ke enezela elinye igama elenziwe ngumuntu kulo, kunjalo impela, okulenza libe yinkolo ebhasteliwe.

106 O, sinamabandla amahle ngokwedlulele, impela, izixuku ezigqoke kahle ukubedlula bonke, ezifunde kakhulu, nabashumayeli abanazo zonke izinhlobo zeziqu zasekholiji, nezinto ezinjalo. Kodwa yini esingayenza na? Asikwazi ukubuyela kokwasekuQaleni futhi, ngoba ungeke wazibuyisa

wena uqobo, kanjalo nomnyuzi ungeke ubuyele emuva. Ufanele uzalwe ngokusha njengabantu ngamunye, ngoMoya kaNkulunkulu ePhentekoste, kunjalo, isibusiso esehla.

107 IPhentekoste ayisiyo inhlangano, iPhentekoste isehlakalo esifika kumaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, iKatolika, "Othandayo, makeze." IPhentekoste alisiyo inhlangano, ungeke wahlela izibusiso zikaNkulunkulu. Kumahhala kunoma ubani ozoza futhi akwemukele, futhi bavela kuzo zonke izindlela zokuphila ezehlukene, nawo onke amabandla ehlukene.

108 Kodwa u-Eva wazama ukuthatha ezinye zezinto uSathane amtshela zona, ezinye zezinto uNkulunkulu amtshela zona, futhi wasebenzela kuso impela lesosenzo, futhi yilapho alahlekelwa khona, yilapho eba yibhastela khona. Khona-ke inzalo kaSathane iyafika, isahamba, inzalo kaSathane. Leyonto injalo impela. . . Okubhasteliwe kuyinto embi kabi emehlweni kaNkulunkulu!

109 ETestamenteni eLidala umntwana obhasteliwe, wazalwa ngaphandle komshado ongcwele, wayengenakungena ngisho ebandleni leNkosi izizukulwane eziyishumi, kwathatha izizukulwane eziyishumi ukukumisa ukuzalanisa. Lokho yiminyaka engamakhulu amane ukukumisa ukuzalanisa umntwana oyivezandlebe, akakwazanga ngisho nokungena ebandleni leNkosi. Ukubhastela, owesifazane wafunga kumyeni wakhe, futhi ahlale nenye indoda, futhi abe nengane ngaye, into embi kabi!

110 Namhlanje, sinokuqophisana okuningi kakhulu nokuphikisana ngalokhu ukwehlukana kwabamhlophe namakhaladi, nakho konke. Kungani bengakuyeki kanjalo na? Makube ngendlela uNkulunkulu akwenze ngayo. Ngitsheleni lokho owangempela, omuhle, ohlakaphile, okhaliphile, owesifazane oyikhaladi omuhle abengafuna ukuba nengane ngomlungu ukuba ayenze ikhoboka na? Akusiwo umqondo. Izinto eziningi abantu abangamakhaladi abanazo zingaphambili le komlungu.

111 Ngicabanga ngalowomfundisi oyikhaladi, wama ezansi lapho ngalolosuku eShreveport, wathi, "Angikaze ngibe namahloni ngokuba ngumuntu omnyama. UNkulunkulu wangenza umuntu omnyama, futhi ngiyamthokozela uMdali wami engenza ngalendlela, yindlela Ayengifuna ngayo. Kodwa," wathi, "namhlanje, ukubona abantu bakithi beziphatha ngendlela abayiyo, khona-ke nginamahloni ukuthi ngingumuntu omnyama." UNkulunkulu abusise inhliziyo yakhe ethembekile. Impela.

112 Bekuyosiza ngani owesifazane omhlophe ukuba abe nengane ngekhaladi, ayenze ibe yingane eyikhoboka na? Akunangqondo. Uma uNkulunkulu wayefuna indoda ibe nsundu, emnyama,

emhlophe, noma yimuphi umbala Ayeyifunela wona, lokho ngokudaliweyo kukaNkulunkulu, yileyondlela ayekufuna ngayo. Ufuna izimbali ezimhlophe, izimbali ezil'hlaza s'bhakabhaka; UNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Uthanda izintaba ezinkulu, izintaba ezincane, izingwadule, amathafa, omhlophe, omnyama, omfishane, okhuluphele, futhi ongenandaba. UNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo.

113 Ukuba bengiyindoda eyikhaladi, noma indoda ensundu, noma indoda ephuzi, noma indoda ebomvu, bengiyojabula nje ngakho. Yebo, mnumzane. Impela bengingakwenza. Yileyondlela uMenzi wami ayengifuna ngayo futhi yileyondlela engiyiyo. Kunjalo. Kungani umuntu efuna ukuphazamisa nganoma yini na? Lapho umuntu engena kukho, uyakona. Kuyeke kanjalo, indlela uNkulunkulu akwenza ngayo. Umuntu makabe yilokho ayikho, ngomusa kaNkulunkulu makabe yikho.

114 Kodwa ufanele abangele ukuqophisana okukhulu manje, ebiza owethu. . .ebangela izibhelu, nokuqophisana okukhulu, nakho konke okunye ezizweni zonke, nasemhlabeni wonke, ngoba nje wayefuna ukuneka ikhanda lakhe ngento ethize, lokho ngukungazi komuntu, kunjalo, kubhasteliwe futhi. Esikhundleni sokukushiya ngendlela uNkulunkulu akufuna ngayo, ufuna ukwenza indlela yakhe uqobo. Uzofanele enze okuthize ngakho, niyazi, ufanele azenzele igama. UNkulunkulu abe nomusa kuye, kuyinto edabukisayo.

115 Kulungile. Manje, iZwi uNkulunkulu alitshela u-Eva, khona-ke uSathane uyafika futhi wavuma ukuthi ingxenye yaleloZwi yayiqinisile, kodwa wathi, "*Impela* lengxenye ayilungile."

116 Manje, lokho akufani ncamashi namakholiji athile esayense yezenkolo akufundisa namhlanje na? "O, ukhona uNkulunkulu. Siyakholwa kuJesu. Impela, UyiNdodana kaNkulunkulu, ngiyakukholwa lokho. O, ngiyakholelwa ekubonakaleni kwaKhe okubonakalayo. Kodwa manje, lapho Efika ukuba abe nguMphulukisi, noma zonke lezozinto zikaMoya oNgcwele, a, a, a, e-hhe." Niyabo, lokho yilokho okubhasteliwe okufanayo. IBhayibheli lakhuluma ngabo, lathi bayoba sezinsukwini zokugcina, abanamawala, abakhukhumele.

117 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngamenywa ukuba ngikhulume esikoleni, ngenkathi bethola ukuthi nganginemfundo yebanga lesikhombisa, bathi, "O, besingeke sakubeka lokho phambi kwabafundi bethu." Abakwazanga ukukubeka phambi kwabafundi.

118 Kwakwehluke kakhulu kangakanani kuPawulu! UPawulu wathi, "Angizange ngize kini ngokuhlakanipha kwabantu, amazwi ahungayo, ukuze ukukholwa kwenu kwakhelwe phezu kokuhlakanipha kwabantu, kodwa ngiza kini ngamandla,

nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, ukuze ukukholwa kwenu kwakhiwe kuNkulunkulu." Namhlanje, namhlanje bafuna ukwenza isikole semfundo ngakho, ukufunda, nokubhala, nezibalo.

119 Ngenkathi ngifika e-Afrika phakathi kwabazalwane bami abangamakhaladi, yini ababeyazi na? Ukufunda, ukubhala, nezibalo, babengenamsebenzi ngalokho. Yingalesosizathu ngenkathi bebone owangempela, oweqiniso, uNkulunkulu onyakazayo engena phakathi kwabantu, izinkulungwane ezingamashumi amathathu zemukela uKristu ekubizeleni e-altare okukodwa, eThekwini, eNingizimu Afrika. Incwadi ikunikeza lapho. Niyabo? Kunjalo.

120 EBombay, eNdiya, kwakukhona cishe abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu abethamela umhlangano, kul'khuni ukusho ukuthi bangaki abeza ngesikhathi esisodwa. Akusikho ukufunda, ukubhala, nezibalo, awuyisi abantu kuNkulunkulu ngalokho, yiVangeli. IVangeli alifiki neze ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla, nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kuthatha okungaphezu nje kokufundisa iZwi, kuthatha ukubonakaliswa kwaleloZwi ukwenza lezizibonakaliso zilandele, kunjalo, uNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo.

121 Omunye wathi, "Awu, woza, kungani ungakwenzi *lokhu*, kungani ungakwenzi *lokho* na?" Awu, mfowethu, ngingaqoka ukuba phandle lapho ngenza iphutha, ngizama ukwenza into ethize efanele, kunokuba bengiyozama ukuphanga abantu ethembeni lokugcina abanalo. Uma ngenza iphutha. . . Ngikhulekele amakhulu abantu abangazange baphile, kodwa ngingaqoka ukuba ngikhombise labobantu uNkulunkulu, neBhayibheli, noKristu ophulukisayo, kunokuzama ukubaphanga ethubeni lokugcina abanalo lokuba baze baphile.

122 Uthi uthanda isintu futhi ubafihlele lezozinto, kube njengokupha, uzama ukuphuzisa ingane efayo ubisi, futhi ulususe kuyo. Akulungile, kukhona okungalungile. Isizathu sokuba bakwenze kungokubhasteliwe, ngoba bemukela ukuthi ibandla labo lizobakhiphela khona, kunjalo, okubhasteliwe. Yebo, iZwi, futhi ungaxubi iZwi nalutho.

123 Niyazi, uSathane wakuzama lokho kuJesu ngesinye isikhathi. O, yebo. Ngesinye isikhathi kwafika Oyedwa ovela eZulwini ukushintsha lesisimo esibhasteliwe. Ngakho lapho elinga u-Eva, naye walinga uJesu, waMyisa phezulu lapho esiqongweni sentaba, wathi, "Manje, *uma* uyiNdodana kaNkulunkulu, ngifuna wenze isimangaliso ukuze ngikwazi ukukubona usenza." Lowodeveli ofanayo omdala uyaphila

namhlanje, kwabanye abantu nje; lowoMoya kaKristu ofanayo uyaphila namhlanje, kuphela kwabanye abantu, niyabo, kunjalo. Umuntu uyahamba, kodwa uMoya awuhambi neze.

124 Ngakho-ke waMenyusela esiqongweni sentaba, wathi, "Manje, *uma* uyiNdodana kaNkulunkulu," waMlinga ngeZwi, wathi, "kulotshiwe eBhayibhelini, 'Uyakuyaleza iziNgelosi zaKhe ngawe, funa uqhuzuke etsheni ngonyawo, zikuthwale,'" niyabo, ingxenye yeZwi.

Kodwa Akaqhuzukanga ngonyawo lwaKhe etsheni, ngakho Wathi, "Kanti kulotshiwe futhi!" Amen.

125 O, wayazi ukuthi wayenoMuntu othize lapho ngaphandle kuka-Eva ngaleyonkathi, wayengeke abhastele Leli. Qhabo, mnumzane. Ngani na? Ufikela ukuzalanisa emuva esizweni sika-Adamu ukukholwa okuphilayo eZwini eliphilayo likaNkulunkulu ophilayo. Futhi Wafakazisa khona lapho ngesenzo saKhe, ukuthi ongcwele obuthakathaka kunabo bonke emhlabeni angashaya udeveli phezu kweZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. WayenguNkulunkulu uqobo lwaKhe, ebonakaliswe enyameni, wayenamandla angenamkhawulo, kodwa Akazange awasebenzise. Wenzani na? Wehlula uSathane eNtweni efanayo uSathane anqoba kuyo u-Eva. Amen. Wadonsa uvolo kuye ngalesosikhathi.

126 Ngenkathi ecake iZwi likaNkulunkulu ku-Eva, futhi walikholwa, kodwa ngenkathi efika ukuzama ukulicaka ngoJesu, wehluleka. Yebo, mnumzane. Wehluleka ngoba Wahlala neZwi likaBaba, wathi, "Kulotshiwe, wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze Yena yedwa."

127 Wenzani na? USathane wathi waMshiya yedwa, ngoba Wathatha iZwi likaNkulunkulu, Lalingesilo elibhasteliwe kuYe. Wayengemsulwa, iNdodana ezelwe yintombi kaNkulunkulu ophilayo. WayengaMcaki, ecaka iZwi, wayengaMbhasteli. Qhabo impela, Wayezelwe nguNkulunkulu. Wavela kuNkulunkulu, Waya kuNkulunkulu, Wahlala eZwini likaNkulunkulu, Akazange aguquke nakancu kuLo. Ngenkathi Efika, Wenza izibonakaliso zikaMesiya iBhayibheli elathi Uyozenza, nelingakholwayo, ibandla elibhasteliwe ngalolosuku alikukholwanga. Futhi lapho Ekwenza namhlanje, basalokhu bengakukholwa, ngoba kubhasteliwe.

128 Wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Ngenkathi Efika, Wafumana amadoda efundisa izinto eyayingekho eBhayibhelini, Wayesethi-ke, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Ngiyamangala uma Efika namhlanje, Ubeyothola inqwaba yabo befundisa izinto eyayingekho eBhayibhelini, Wayeyosho into efanayo, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Kuyiqiniso.

129 Manje, siqaphela izinto Azitholile, ngenkathi Efika Wathola ibandla. . . Lalelani, futhi nivumele lokhu kuzike kokuhle

nokujulile. Ngenkathi Efika, Watholani na? Wathola abantu bebuka ebandleni okwensindiso. Futhi babetholani na? Isigejane sezivumokholo. Futhi ukuthi into efanayo ikhona namhlanje, isigejane sezivumokholo ezenziwe ngumuntu.

130 Insindiso ifika ngeGazi futhi lokho kuphela. Futhi uma unensindiso, uJesu Kristu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Leyo yinsindiso, lobo ngubufakazi obubonakalayo bayo, kuyofana.

131 Ngale emazweni abahedeni, abesilisa nabesifazane, ngibabonile benyuka lapho ababengazi ngisho nokuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, futhi lapho bemukela uMoya oNgcwele, niyazi ukuthi benzani na? Into efanayo eniyenzayo, bakhulume ngezilimi, badumise uNkulunkulu, bagxume phansi naphezulu, baqhubeke njengoba wenza nje. Kukhombisa ukuthi nguNkulunkulu.

132 Futhi ngifuna nina besifazane baseMelika ukuba nivumele lokhu kuzike kini: Nifanele nigqoke lezi ezindadlana, izingubo ezingcolile ukuze niphume futhi nigunde igceke lapho amadoda ephuma emsebenzini, nivumela amadodakazi enu enze into efanayo. Manje, nginamantombazane amabili, angahle akwenze ngesinye isikhathi, kodwa, mfowethu, lapho ekwenza, azelulele ogwini ndawondawo, kuthiwa ngokugqunqiswa yilanga, bazothola ukugqunqinswa yindodana, kuyoba yindodana kaMnu. Charlie Branham nesleti esandleni sayo. Bazothola ukuba nsundu kahle impela, akukho kungabaza ngalokho. Leyo kuyoba yindodana kababa wami eyenza lokho. Niyabo? Kodwa manje, lokho—lokho namhlanje... Futhi ba... Besifanele siphucuzeke.

133 Ngibone inenekazi lingena ngolunye usuku, ezansi kuleCafeteria kaCliftons... Gene, sasiphezulu lapho. UMfowethu Arganbright wayezongithengela isudu yezingubo, futhi ngangimlindile ngoba ngangiyidinga. Futhi—futhi wayezongithengela isudu yezingubo, futhi ngangilinde lapho kwesikaClifton, futhi ngangimlindele ukuba angene, futhi ngabona o—owesifazane engena ngase ngithi, "He, leyonto bandla!" Ngambuka, ngacabanga... Niyazi, nga—nga—ngangisibonile isifo samehlo iglikhoma, ngangisibonile isifo samehlo i-ophthalmia, ngangibone uchoko, kodwa a—angikaze ngibone noma yini enjalo, kwakukhona okungalungile emehlweni owesifazane. Futhi ngacabanga, "Awu, ngikholwa ukuthi ngizoya ngale futhi ngibuze lowodade, ngimtshele ukuthi ngingumfundisi, futhi—futhi ngimbuze ukuthi yini engalungile, futhi uma ngingamkhulekela."

134 Futhi ngakho ngaqala ngale, futhi kwakhuphuka omunye wesifazane owayebukeka efana, ngahlehla. Mhlasimbe ubeyongishaya ngempama ukuba ngangimbuzile. Kodwa niyazi,

wayepende amehlo akhe aluhlaza satshani phandle *lapha*, eluhlaza sasibhakabhaka emuva *lapha*, into ebukeka iyimbi ukwedlula yonke engake ngayibona empilweni yami.

135 Manje, besifazane, futhi uma nizofaka leyonto, obungafanele ukwenze, ubungafanele ukwenze, kodwa kungani ungazami ukubukeka njengomuntu empeleni na? Hhayi njengohlobo oluthize lwento ethize eyawa e, isidumbu, yaphuma endaweni yomngcwabi, noma okuthize. Ngi—ngi . . . Okungenani ngizame ukuba ngumuntu ngakho.

136 Futhi angikholelwa ekukufakeni nhlobo, angikholwa ukuthi nifanele. Munye kuphela owesifazane eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe ukuba ahlangane nendoda, (Akekho owesifazane openda ubuso bakhe ukuba ahlangane noNkulunkulu, upenda ubuso bakho ukuba uhlangabezane namadoda.), negama lakhe kwakunguJezibele. Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani kuye na? Wamphakela izinja. Ngakho lapho ubona abesifazane befake upende, niyazi ukuthi lowo nguNkosazana Nyama Yenja, UNkulunkulu umnika izinja, yilokho kuphela akufaneleyo yinyama yenja.

137 Kwakuvamise ukuthi abesifazane bePentecostal babengakwenzi lokho, kodwa angazi ukuthi kwenzekani. Kwakuvamise ukuba yiphutha kwabesifazane bePentecostal ukuba baphungule izinwele zabo. Kunjalo. IBhayibheli lithi noma yimuphi owesifazane ophungula izinwele zakhe, umyeni wakhe unelungelo lokumlahla, ngesahlukaniso, ngoba ungowesifazane ohlazisayo. IBhayibheli lakusho lokho, o, impela Wakwenza, impela wakwenza. O, manje ini na? Nakho lapho okhona.

138 Esikudingayo yiVangeli kusukela epulpiti, "Liqondisiwe," yonke indlela kusukela epulpiti kuya kumlindimnyango. Kunjalo. Sidinga ifeshini endala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele noMoya oNgcwele weBhayibheli. UNkulunkulu akaguquki nhlobo. U . . . Leso kwakuyisinqumo saKhe, Wayefuna abesilisa babukeke behlukile kwabesifazane, abesifazane kwabesilisa, bagqoke ngokwehlukile, futhi yileyondlela Abenza ngayo. Lapho senza noma yini ephambene nalokho, siphambene nentando kaNkulunkulu, nemithetho kaNkulunkulu, nezinto zikaNkulunkulu, futhi akukho okungenziwa ngaphandle kokukukhokhela, futhi sizokwenza, nathi.

139 Singaba kanjani nemvuselelo na? Akunandaba uma kukhona u-Oral Roberts, noTommy Hicks, no-Osborn ezweni lonke ndawo zonke, size sibuyele ekuphileni kwePentecostal kwangempela, asisoze sakwazi ukwakhela phezu kwanoma yini okwamanje. Izinhlangano zethu ziya ngokuqina ngaso sonke isikhathi, futhi siya ngokuba bakhulu ngaso sonke isikhathi, futhi sithola osiyazi bezenkolo abafundiswe kangcono ngaso

sonke isikhathi, kodwa siya ngokuba buthakathaka, futhi siba buthakathaka, futhi siba buthakathaka ngaso sonke isikhathi. Kunjalo impela. Buyela emuva!

140 Ubuyoba ngcono uma ubunethamborini yakho, ungafake masokisi, ezansi lapha ekhoneni ndawondawo, emhlanganweni wasemgwaqeni, kunoma ubungaba njalo kwamanye amakhaza amakhulukazi amakhulu esiwatholayo, nezinga lokushisa kulo elingamashumi ayisishiyagalolunye ngaphansi kwezinga-qhwa, ngokukhuluma ngokomoya, kunjalo. Kunjalo impela. Sidinga iPhentekoste! Ngiyalithanda elihle, iPhentekoste eliyifeshini endala, uMoya wangempela kaNkulunkulu ophilayo. Kuyiqiniso.

141 Manje, ngosuku lwaKhe Wathola abantu befundisa izinto eyayingaleyondlela. Sinento efanayo namhlanje, bese kuthi-ke abantu bonke, emva kokuba sebeqedile zonke lezizinto, (Futhi uJesu wathi, "Ngesiko lenu niyenze ize imiyalo kaNkulunkulu. Imiyalo kaNkulunkulu yathi, 'Uyokwenza *lokhu*,' futhi uthi 'Uyokwenza *lokhu*.'" Wenzani Yena na? Kwakuyinto efanayo, babephendukezele imiyalo kaNkulunkulu, leyo yinto efanayo Ayoyisho namhlanje.), futhi khona-ke abantu bethi, "Uphi uNkulunkulu weBhayibheli na?" Hhe!

Ngangivame ukuba ushomu nomshumayeli omdala weMethodisti, wayevame ukucula iculo:

> Sehlisa imigoqo, sehlisa imigoqo,
> Sixegisile ngesono.
> Sehlisa imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

142 Ngiyakutshela mfowethu, kuphendule, lapho ucula iculo: Yehlisa imigoqo! Yileyo indaba. Yileyo indaba ngathi bantu bePentecostal. Yinto eyodwa leyo ngakho, anginayo imihlangano emikhulu engingayixhasa, angidingi ukuba nenqwaba yemali, akukho-muntu ongiqashayo, akukho-muntu ongikhokhelayo, ngakho-ke ngingashumayela nje okuseBhayibhelini. Kunjalo. Akekho ongangitshela ukuthi angenzeni. Yebo, mnumzane.

> Sehlisa imigoqo,
> Sixegisile ngesono.
> Sehlisa imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

143 Nje yehlisa imigoqo, bazongena, noma kanjani. Niyabo? Kunjalo. O, sithola . . . Sasivame ukuthi, "AmaMethodisti amadala, abandayo, agcina umthetho ngegama," futhi manje iMethodisti ithi, "AmaPentecostal amadala, abandayo, agcina umthetho ngegama." Kunjalo. Kuba ngendlela efanayo. O, siyazidabukela! Esikudingayo yimvuselelo. Imvuselelo ayisho ukungenisa amalunga amasha, ingukuthi vuselela lokho esesivele sinakho. Kunjalo.

144 Ngama ngaseLake Michigan okokuqala eminyakeni eminingi edlule, cishe eminyakeni engamashumi amathathu edlule, ngaya ukuyozwa uPaul Rader, umngane wami, eshumayela inkonzo yokuphuma kwelanga ngePhasika, inkonzo yokuphuma kwelanga. Ngahamba ngehla ngenyuka kuleyoLake Michigan, kwakuyichibi elikhulu kunawo wonke lamanzi. . . lalibukeka lilikhulu kakhulu impela kunoMfula i-Ohio kimi. Futhi ngalibhekisisa, futhi, o, he, laligxuma futhi ligxuma, amagagasi, ngacabanga, "Ugxumelani kangaka na? Yini indaba ngawe na?"

145 Ngangilokhu ngihamba ngenyuka ngasogwini lechibi ngalokho kusa emva kwenkonzo, futhi ngacabanga, "Ugxumelani na?" Ngama, futhi ngacabanga, "Awu, a—akukho—akukho sizathu sokuba wena ugxume, njengoba ngibona." Futhi ngacabanga, "Awu, mhlawumbe unamanzi amaningi kulo."

Lathi, "Qhabo."

146 Ngacabanga, "Akunamanzi athe xaxa kulo, kunalapho ngokoqobo, kuthule ngokuphelele, alisenalo nelilodwa iconsi lamanzi." Lapho ligxuma, amagagasi eshaya ngamandla, inani elifanayo nje lamanzi, akukho nelilodwa iconsi kulo.

147 Awu, ngacabanga-ke, "Awu, yini—yini oyigxumelayo-ke na?" Futhi ngacabanga, "Awu, linemvuselelo. Yilokho-ke, linemvuselelo." Awu, uma lalingenayo imvuselelo, laliyogcwala udoti. Kodwa njalo lapho umoya ulishaya, futhi uqala ukuvunguza, liyagxuma futhi liqhubeke, futhi lisakaze konke ukungcola osebeni, zonke izinduku ezindala, nothuli luphumele osebeni.

148 Futhi yilokho i, thina, iBandla elikudingayo, Lidinga imvuselelo. Futhi yini eqala lomoya na? Yini eqala lokhu okwenzekayo, lemvuselelo na? Nakho kufika umoya, "*whewu*," ucosha *konke*. Yilokho esikudingayo ngomunye uMoya oVunguza ngaMandla ukuqala imvuselelo, ukushaya imfucumfucu iphume eBandleni, nokungakholwa. Uthathe *konke* ukungakholwa kwethu, ukunqwabele osebeni, futhi sibe nomhlangano wangempela wePentecostal, owangempela, umhlangano wangokoqobo. Amen. Yilokho esikudingayo. Kunjalo impela. Sh!

[Udade ukhuluma ngezilimi nomfowethu uyahumusha—Umhl.]

149 Amen. Manje, ukuthi kungahle kubekhona abanye abangakuqondi lokho, lokho yiziphiwo zobuphostoli. Ngenkathi. . .Ukuthulisa nje lokhu kini umzuzwana, ake ngininakise nje into ethize khona lapha, umzuzwana nje.

150 Ngolunye usuku kwiChristian Business Men eLos Angeles, ngangishumayela ekudleni kwabo kwasekuseni, okwahamba ekusakazeni ezweni lonke, ngangidabula into ngamandla ami onke. Akukho okunye engingakwenza, uma bengingakwenza,

bengiyoba ngumzenzisi, ngikholwa ukuthi sisesikhathini sokuphela. Futhi ngenkathi ngikwenza, uMarilyn Monroe, umzala wakhe, umBaptisti, wenyuka ukuzoxhawulana nami, futhi ngenkathi ekwenza, uqala ukukhuluma ngezilimi. Futhi ngenkathi ekwenza, u . . .

151 Kwakukhona inenekazi laseLouisiana lihlezi laphaya, owesifazane ongumFrentshi, wasukuma, futhi wathi, "Lokho akusizo izilimi ezingaziwa," wathi, "NgingumFulentshi. *Nakhu* akushilo."

152 Futhi enye indoda yayize ngapha. Futhi ezansi kudabule lapho kume umfo osemncane, ehla, owayengumhumushi wesiFulentshi we U.N., iNhlangano yeZizwe, wayesanda kushushumba nje engena emhlanganweni, futhi wathi, "*Nakhu* akushilo," into efanayo impela.

153 Futhi lomfana, umzala kaMarilyn Monroe, uDanny Henry, wayengazi nelilodwa igama lesiFulentshi. Futhi yena . . . Nginakho khona lapha, okubhalwe phansi, abaningi benu bayakubona kwi*Business Men*. Manje, nansi into ethize impela, eyakusho, ikhuluma kimi, o, kwathi, "Kwakhulunywa kuMfowethu Branham ngoFebhuwari 11, ngo—ngo 1961, ekudleni kwasekuseni kweFull Gospel Business Men."

> *Ngoba ukhethe indlela eyingcingo, indlela enzima kakhulu, uhambe ngokukhetha kwakho, . . .*

Ngiyakuqonda lokho. UMose wahamba okungokwakhe naye, wayengadingekile ukuba akwenze. Ngangingahle mhlawumbe ngibe nemihlangano emikhulu, izinto ezinkulu, nezinkulu, inqwaba yezimbali nezinto, futhi. Kodwa lena yindlela engiyifisile. Niyabo?

> *. . . uhambe ngokukhetha kwakho uqobo, ukhethe isinqumo esiyiso nesiqondile, futhi lena INDLELA YAMI.*

> *Ngenxa yalesisinqumo esinzima, ingxenye enkulu yeZulu ikulindile.*

Lokho kusembonweni lapha, enizokuthola, niyabo, ukuthi wayengazi lutho ngakho ngaleyonkathi.

> *Yeka isinqumo esihle kakhulu osenzile!*

> *Lokhu . . .* (Manje, nakhu engingakuqondi.) *Lokhu yilokho okuyonikeza, futhi kwenze kufezeke, ukunqoba okukhulu kakhulu ebuNkulunkulwini boThando.*

154 Nabahumushi abathathu abehlukene, abahumushi baseFulentshi, nomhumushi weNhlangano yeZizwe! Futhi uDanny Henry, uMarilyn, noma, loJane Russell kwakunguye, ngiyaxolisa, umzala kaJane Russell, umBaptisti, engazi nelilodwa izwi lakho, kodwa wayeqine kakhulu, wenyuka wayesethi, "Mfowethu Branham, lawomazwi owashilo angafakwa kalula eNcwadini yeSambulo." Wangigaxa ngezingalo zakhe, waqala ukukhuluma ngesiFulentshi,

akazange azi nelilodwa igama lakho. Kukhona ofakazi abathathu abafakazayo, nowe-U.N. umhumushi. Mfowethu, sisezinsukwini zokugcina, kunjalo impela. Amen.

155 Ngikude. . . Sukani enkolweni ebhasteliwe, ningene kweyeqiniso, iPentecostal yangokoqobo. Kunjalo.

156 Bayasho namhlanje njengoba benza ngaleyonkathi. UJesu wathola abantu befundisa izinto ezazingalungile. Lenzani ibandla lokuqala na? Ngifuna ukubuza omunye lapha ongahle abe khona, engakuqondi lokhu. Ibandla lokuqala, bakwenza lokho. Manje, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje.

157 Kungikhumbuza, namhlanje, ngoJesu ngesinye isikhathi, nomama waKhe, sengivala, lalelani, umama waKhe nobaba, benyukela e, noma, usingababa waKhe, benyukela emkhosini wePhentekoste, okwakungamasiko abo ukwenyuka minyaka yonke eMkhosini wePhentekoste, futhi emva kokuba umkhosi usuphelile, baqala ukuya ekhaya, futhi bahamba uhambo lwezinsuku ezintathu, futhi baMgeja, uhambo lwezinsuku ezintathu. O, ngicabanga nje, mhlawumbe, "Useduze neqembu."

158 Lalelani, angifuni ukulimaza imizwa yenu, kodwa yilokho ibandla elikwenzile, ukucabanga nje, mhlawumbe, "Uhambisana nathi, ngakho-ke kwenza mehluko muni na? O, U, Ukanye nathi." Kodwa benzani na? Babuyela emuva futhi baMfuna izinsuku ezintathu phakathi kwezihlobo zabo, futhi abaMtholanga.

159 Futhi manje lapha sisesikhathini sokuphela, ngenkathi uBilly Graham, umvangeli omkhulu; uJack Shuler, amaMethodisti, umngane wami wesifuba; uDkt. Barr omdala, bona, amadoda amakhulu anyakazise isizwe ngemvuselelo. Futhi ikuphi na? Siphuza kakhulu ugologo unyaka ngamunye, kunoma senzile ngonyaka odlule.

160 Nginganitshela, bonke abaphuza ugologo nombhemi kasikilidi babeke phansi osikilidi babo, nogwayi, nogologo usuku olulodwa eMelika yonke, futhi bathathe leyomali, kuzonikeza wonke umuntu ikhaya elinamakamelo amahlanu, leyo yindoda empofu, nemoto. Kuningi okuchithwe ngonyaka odlule ngewiski kunoma kwenziwa ngokudla. Khona-ke kuthiwani ngeCoca-Cola, ushingamu, nokunye ukunethezeka esiphila kukho na? O, si. . . Aniqondi. Isimo esinje pho!

161 Kodwa lapha, "Sasicabanga nje ukuthi uKristu wayehambisana." Senzeni na? Manje ngezinsuku zokugcina, lapho lezizinto sezivele, siqala ukumangala, "Ukuphi na? Ukuphi na?" Sifunisisile emvuselelweni yamaBaptisti, asiMboni njengoba Wayekhona emuva lapho. Sibuka ngeMethodisti, asiMtholi; sibuyela emuva ngolunye usuku, kwiLuthela, asiMtholi; sibuyela kwiKatolika, asiMtholi.

162 Silahlekelwe nguYe kuphi na? Lapho uMariya noJosefa baMthola khona, yilapho esizoMthola khona. BaMshiya eMkhosini wePhentekoste, yilapho esizoMthola khona futhi, emuva eMkhosini wePhentekoste. Haleluya! Udumo!

163 Ungahle ucabange ukuthi ngiyahlanya. Mhlawumbe nginjalo, uma nginjalo, ngiyekeni, ngizizwa ngingcono ngalendlela, nginesiqiniseko esiningi ngalendlela. Yebo.

164 BaMshiye kuphi na? EMkhosini wePhentekoste. Ibandla lamshiyaphi uKristu na? EPhentekoste. Khona-ke kufika ibandla eliKatolika; khona-ke kufika ibandla lamaLuthela, zonke izinhlangano; bese-ke kufika ibandla likaWesley, zonke izinhlangano; ibandla leBaptisti, zonke izinhlangano; nePentecost yenze into efanayo. Senzani na? Silele phezulu eshalofini, njengoba nje bonke abanye benza.

165 Asisukume sizithintithe. Asibuyele emuva emkhosini wePhentekoste, futhi sisuke kulo lonke loluhlelo lwezemfundo. Angizami ukwesekela ukungazi kwami, kodwa ngizama ukunitshela iZwi likaNkulunkulu. UPetru wayengenakulibhala igama lakhe uqobo, kodwa kwamthokozisa uJesu ukumnika izihluthulelo zoMbuso ngenxa yesambulo sakhe. Kunjalo, bazalwane bami. Lelo yiqiniso.

166 BaMtholaphi na? Emuva emkhosini wePentecostal. Futhi yilapho nina maMethodisti nizoMthola khona, yilapho nina maBaptisti nizoMthola khona, yilapho wena Luthela ozoMthola khona, yilapho nina maKatolika enizoMthola khona, awusoze waMthola phakathi kwamabandla enu ayizihlobo.

167 Nonke nina bantu nithatha incwadi yenu evela kwiMethodisti, niwelela kwiBaptisti, Angeke abe lapho; niyithatha kumaBaptisti, nani nonke nibuyela kwiKatolika, anisoze naMthola lapho. Buyela emuva lapho ibandla liMshiye khona, eMkhosini wePhentekoste ngenkathi uMoya oNgcwele uvela eZulwini njengokuvunguza komoya onamandla, wagcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo, iziLimi ezihlukene zahlala phezu kwabo, njengomlilo. Yilapho ozoMgeja khona, yilapho owaMshiya khona, yilapho esifanele sibuyele khona futhi siMcoshe.

168 Lalelani, sengivala, uJesu wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Futhi wenzani lowoMvini...? LowoMvini awutheli-sithelo, igatsha eMvinini lithela isithelo. Senake nawubona umvini uthela amagilebhisi na? Qhabo, wabona amagatsha emvinini ethela amagilebhisi.

169 Awu, manje asi—ake sizindle into ethize. Uma lowoMvini, onguKristu, uJohane oNgcwele isahluko 15 (Niyakukholwa lokho, anikukholwa na?), awu, uma lowoMvini wokuqala waveza u—uMvini wokuqala waveza igatsha futhi kwakuyigatsha lePentecostal, futhi emva kwaleligatsha babhala iNcwadi yeZenzo (Kunjalo, bazalwane na?), uma lowoMvini uke waveza

elinye igatsha, kuyoba yigatsha lePentecostal eliyobhala iNcwadi yeZenzo emva kwawo.

170 O, wena uthi, "Kodwa ngingu*S'bani-bani*. Ngingowe . . . "

Kwakungenjalo ekuqaleni.

Uma ubungathi, "Kodwa, Jesu, Uyazi, ngingowabangcwele . . . "

Kwakungenjalo ekuqaleni. Kunjalo. Ubeyosho into efanayo.

"Ngani, sikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule."

Kwakungenjalo ekuqaleni.

"Asikholwa ukuthi ufanele ukhulume ngezilimi."

Kwakungenjalo ekuqaleni.

"Asikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu."

171 Kwakungenjalo ekuqaleni. Buyelani ekuqaleni, nibuyele emuva lapho iBandla laqala khona, futhi Laqala ngoSuku lwePhentekoste, noMoya oNgcwele uthululeka phansi phezu kwabantu, futhi ugcwalisa inhliziyo yabo, futhi uxhuxhumisa imiphefumulo yabo baze bafa njengabafelukholo, bashisa umhlaba wonke ngomlayezo wabo wensindiso. Sukani ezivumwenikholo zethu ezenziwe ngumuntu, futhi nibuyele eBhayibhelini. Yebo, buyelani ekuqaleni, yilapho esiqala khona.

172 Manje, bukani, ngama . . . Manje, sonke siyazi, ngakho ngixazulula lokhu nani, singuMuthi ofakelwe, kunjalo, kodwa sifakelwe kuJesu Kristu sisuka ebandleni lomthetho elidala lamaJuda kuze kuthi wonke uMuthi manje unguJesu, sifakelwe yilokho.

173 Kodwa ake nginikhombise okuthize, ngangisePhoenix ngolunye usuku lapho engabona khona izithelo eziningana zimila esihlahleni esisodwa samawolintshi. Kwakukhona ulamula, nophaphamuzi, nethanjerini, nazo zonke izinhlobo zezithelo zimila e—esihlahleni samawolintshi. Futhi ngathi kuMfowethu John Sharrit, umfowethu oyiPentecostal, ngathi, "Mfowethu John, ini . . . ? Ngabe—aku—akusiso yini leso i . . . ? Hlobo luni—luphi lwesihlahla obungalubiza ngalokho na?"

Futhi wathi, "Leso yisihlahla samawolintshi."

174 Awu, ngathi, "Sinawo kanjani ulamula kuso, futhi sinawo kanjani ophaphamuzi, namathanjelo, namathanjerini, futhi, o, izinhlobo eziningana ezehlukene zesithelo esisawolintshi na?"

"O," wathi, "zifakelwe kuso."

Ngathi, "Kodwa ngifuna ukukubuza okuthize. Manje, lapho kufika isikhathi sokuqhakaza, ngabe lowophaphamuzi uyaqhakaza na?"

"Yebo, mnumzane."

"Ngabe ulamula uyaqhakaza na?"

"Yebo, mnumzane, ngasewolintshini ngqo."

175 "Kodwa hlobo luni lwesithelo esiluthelayo ngoba siphila kulesisihlahla na? Ngabe sithela uhlobo olufanayo lwesithelo esi. . .? Ngabe, ngonyaka ozayo, sizothela amawolintshi na?"

Wathi, "Qhabo, mnumzane."

"Siyothelani na?"

Wathi, "Uphaphamuzi. Olamula bazothela olamula."

Ngathi, "Uhlala kulesisihlahla na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Haleluya! Ngiyakubona manje."

176 Mfowethu, iBandla liyiBandla lePentecostal. UkuPhila okuseMvinini kwenyukela eBandleni elilodwa futhi kuLinika isehlakalo sePhentekoste, futhi emva kwaLo babenazo zonke izinhlobo zeziphiwo zikaMoya oNgcwele, izibonakaliso zikaJesu Kristu. Futhi namhlanje sifakelwe kuLo lonke uhlobo oluhlukile lwehlelo, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, kuya ngisho kwiPentecostal, *ebizwa kanjalo*, lifakelwe kuLo, kodwa abatheli isithelo sasekuqaleni, abanaso isehlakalo sasekuqaleni, nokho bayancela egameni lobuKristu. Haleluya! Kunjalo.

177 LowoMvini uke uveze elinye igatsha, liyoba yigatsha lePhentekoste nezibonakaliso zilandela ikholwa. Kunjalo. Emuva kokwasekuQaleni, lezizinto ezibhasteliwe ngeke zisebenze. Ngiyazi banamathele phakathi lapho, babizwa *ngobuKristu*, kodwa abasibo ubuKristu. Izithelo, "Niyakubazi ngezithelo zabo." Futhi kungani zingakwazi na? Azisoze zabuyela emuva, azisoze zaba yiwolintshi, ngoba babhasteliwe, nokho, bahamba ngaphansi kwegama lokuthi *umKristu*, kodwa babhasteliwe. Udumo!

178 Ngiyazi ukuthi ningahle nicabange ukuthi ngisangene ekhanda lami, kodwa lelo yiqiniso. Njalo lapho siveza, sizokwenzani, sibe nemvuselelo na? Impela, sizothela ini na? Olamula. IMethodisti izothela iMethodisti, iBaptisti izothela ihlelo leBaptisti, ihlelo lePentecostal lizothela iPentecostal. Kodwa lapho bebuyela eMvinini wasekuqaleni ovela eMpandeni, haleluya, bayophuma nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, njengoba benza ekuqaleni. Futhi imisebenzi efanayo nezibonakaliso ezalandela uJesu zizolandela, eyalandela leloBandla lasekuqaleni, izolandela iBandla namhlanje.

Wena uthi, "Ngenza *ukuthi-nokuthi*." Kodwa kwakungenjalo ekuqaleni.

179 O Nkulunkulu, yiba nomusa phezu kobuthakathaka bethu, isimo esingaqediwe, kuyinto edabukisayo. O, kanjani. . . Abantu bayawesaba uMoya oNgcwele, uyesaba ukuthi Uzokwenza wenze into ethize o—okuthi ungahle uziphathe

ngokungafanele ngokungajwayelekile, Ngeke kukwenze lokho. Abantu bayesaba.

180 Ngiyakhumbula ngifunda izincwadi ngePhentekoste, eminyakeni eyedlula, ngenkathi babevame ukuhlala ubusuku bonke obude bezungeze i-altare futhi bakhuleke izinsuku, uNkulunkulu wayebabulala phansi kwamandla kaNkulunkulu.

181 Futhi kini maMethodisti, emuva ezinsukwini zakudala, nikhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ubufanele ube namahloni ngawe uqobo ukuphika ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngenkathi uJohn Wesley, encwadini yakhe uqobo ehlaziyayo, incwadi yakhe uqobo, wabhala ukuthi wayegibele ihhashi lakhe, ihhashi lakhe lawa futhi lephuka umlenze walo, wasukuma wayesegcoba ihhashi ngamafutha, eGameni leNkosi, wayeseligibela futhi wagibela wahamba. Kukhona i—i . . .

182 Futhi lapho eNgilandi kuthiwa wayeshumayela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nebandla laseSheshi elalihlekisa ngaye impela umsunguli wobuMethodisti, nebandla laseSheshi ladedela impungushe, nesigejane sezinja ezinkulu, phakathi kwabo, noJohn wamkhomba ngomunwe ebusweni bakhe, wayesethi, "Ilanga aliyikushona ekhanda lakho kathathu, uze ungibize ukuba ngikukhulekele." Futhi indoda yafa ngaleyontambama ibiza uJohn.

183 Ngagibela esihlalweni sakhe sehhashi, noma, ngahlala esihlalweni sakhe sehhashi lapho ayenedeski lakhe elincane ngemuva, ngahlala endaweni yakhe—yakhe lapho aguqula khona uhlobo lweqhude olulwa namademoni ngalesosikhathi kulesisihlalo, ngangibeke ingubo yakhe ende phezu kwehlombe lami, ngaguqa phansi lapho leyondoda emesabayo uNkulunkulu yafela khona, futhi nganikela ngomkhuleko futhi wabonga uNkulunkulu ngendoda efana noJohn Wesley. Ubezophenduka ethuneni lakhe kulobubusuku, wayazi ukuthi ibandla leMethodisti lithola ukuba yilo ngegama futhi libuyela emasikweni abantu, esikhundleni sokuhlala naleloZwi.

184 Nina maBaptisti, nidinga ukushaya umzila wemvuthu yesaha, futhi. UJohn Smith wakhuleka kwaze kwathi eyakhe, ubusuku bonke futhi wakhala izinyembezi ngenxa yezono zabantu, kwaze kwathi umkakhe wadingeka amholele etafuleni ekuseni ukuba amnike okudliwayo, futhi amfunze ngesipuni.

185 Nina besifazane beMethodisti nigqoke izikhindi, futhi nibhema osikilidi, futhi niqhubeka, uJohn Smith omdala, leyoMethodisti enkulu, ngenkathi efika, washumayela intshumayelo emfushane amahora amane, futhi awukwazi ukulalela imizuzu engamashumi amabili, ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Futhi wathi, "Kudabukisa inhliziyo yami ukubona ngisho nodade

beMethodisti befaka izindandatho eminweni yabo." Kuthiwani ngezikhindi manje, nokubhema osikilidi na? Ngiyanidabukela!

186 Nani maPentecostal niba babi kanjalo. Phumani kukho, ningabi umvini ofakelwe, buyelani ekuqaleni kwasekuqaleni futhi nemukele uMoya oNgcwele njengoba benza ePhentekoste. Amen. Ungamvumeli umbhishobhi akubambe, vumela uKristu akubambe. Ngiyajabula ukuthi uNkulunkulu wangibamba ngaphambi kokuba ibandla likwenze, ngangiyoba umphikinkolo.

187 Nginamantombazanyana amabili ekhaya, enye yawo yethiwa ngoSarah, nenye yethiwe ngoRebekah. URebekah uwuhlobo lwemilenze emide, intombazane eyisigaxa, noSarah ungomncanyana, umfo omfishane. Bobabili bangamantombazane kababayi, ngoba ngiyabathanda abantwana.

188 Ngangikade ngiphandle emhlanganweni, futhi ngikhathele *kakhulu*. Babe, balinda kwaze kwaba phakathi nobusuku, amehlo abo amancane asinda, futhi babefanele bayolala. Ngakho ngingena cishe ngehora lokuqala, futhi ngangozela kakhulu futhi ngacambalala, futhi ngalala cishe ihora noma amabili, futhi angikwazanga ukulala, futhi ngavele ngasukuma ngase ngihlala esihlalweni phandle ekamelweni lokuhlala.

189 Iphasiji elincane liphumela ekamelweni labantwana lokulala, unkosikazi wayesalele. Ngangihlezi lapho ngalokho kusa, futhi emva kwesikhashana ngezwa i, into ethize iklwebha ekamelweni labantwana, ngabuka phansi *kanjalo*. URebekah ungomdala, futhi ngakho wagxuma futhi waqalaza ukubona ukuthi kwase kusile. Futhi, o, bobabili bayamthanda uBabayi. Futhi nampa ba. . . URebekah uyafika. Awu, lokho kwamvusa uSarah.

190 Manje, uBekah unemilenze emide kunayo yonke futhi ungomkhulu, ngakho wayengamedlula uSarah. Futhi ngakho, kungifaka engqondweni yamabandla amakhulu, ahlelwe isikhathi eside, niyazi. Ngakho-ke wagijima waphuma futhi wagxamalaza imilenze yakhe emincane yanquma kweyami, wangigaxa ngezingalo zombili entanyeni yami, futhi waqala ukungigona. Futhi, o, niyazi ukuthi lokho kungenza ngizizwe kanjani.

191 Khona-ke into yokuqala niyazi, nakhu kufika uSarah omncane, udade, into encane enamehlo amnyama, cishe ephakeme *kangaka*, egqoke izingubo azishiyelwa uBecky, nngazi noma abantwana benu bayakwenza lokho noma qha, amaphijama nezinyawo kuwo ukuthi, emakhulu kakhulu. Futhi nangu eza, ewela phezu kwayo yonke into lapho ethola, umnyango.

192 Futhi uRebeka waqalaza kuye, wayesethi, "Sarah, dadewethu," wathi, "Ngifuna wazi ukuthi ngibelapha kuqala,"

njengamanye nje amakhulu, amabandla amade enhlangano, niyabo, "Ngibe lapha kuqala, futhi nginaye wonke uBabayi, futhi ayikho indawo yakho nhlobo." Yileyondlela abazama ukukusho ngayo, kodwa akusebenzi kahle.

193 USarah omncane bandla wawisa ikhanda lakhe elincane, futhi ngizibonile izindebe zakhe ezincane ziqala ukuvevezela, izinyembezi ezinkulu zifika emehlweni akhe. Ngamqalaza ka*njalo* ngase ngiqhweba ngomunwe wami, ngakhipha lo omunye umlenze. Nangu eza.

194 Futhi wagxumela ngqo kulowomlenze. Futhi wayeyibandla eliselincane nje, niyazi, sengathi, wayedidekile, wayengakwazi ukubambelela kahle kakhulu, niyazi, wayengayazi yonke isayense yezenkolo nezinto enifanele nizazi, niyazi, nakho konke lokhu ngakho. Ngakho, kodwa noma kanjani, wayehlezi emlenzeni wami, futhi ngenkathi ngibona umfo omncane wayezo—wayezowa, ngakho ngavele nje ngafinyelela ngezingalo zombili ngase ngimbamba *kanje* ngase ngimgona.

195 Wayethokomele esifubeni sami kancanyanyana, futhi waphenduka, lawomehlo amakhulu ansundu abheka phezulu kuRebekah, wayesethi, "Rebekah, dadewethu," futhi wathi, "Ngifuna wazi okuthile, nawe." Futhi wathi, "Kungahle kube ukuthi unaye wonke uBabayi, kodwa ngifuna wazi, uBabayi unami wonke."

196 Yileyondlela engikukholwa ngayo, ngingahle ngingayazi yonke i—isayense yezenkolo engifanele ngiyazi, futhi ngingahle ngingaveli kude kudala, nolwazi olude lwasekholiji, kodwa inqobo nje uma ngazi ukuthi Ungisonge wonke ngezingalo zaKhe, futhi Angangisebenzisa, yilokho kuphela engikhathalela ukukwazi. Ukuze nje ngazi ukuthi Unami wonke, yilokho kuphela engikukhathalelayo. Uma Enami wonke, khona-ke yilokho kuphela engikukhathalelayo. Lokho akusiyo yini nje indlela ozizwa ngayo, nawe na? Inqobo nje uma Enami wonke!

Asikhothamise amakhanda ethu.

197 Baba wethu waseZulwini, kulotshiwe emBhalweni, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Ngakho mina, ngalendlela encane enobuluhlaza yokukuletha, Nkosi, ngizamile ukuhlwanyela imbewu lapha ezinhliziyweni zalaba abathandekayo, abantu abaligugu, abangabangempela, amaKristu angempela, kodwa ngizama ukubeka kubo, Nkosi, "Ungalokothi uxoveke ohlobweni oluthize lodaba olwenziwe ngumuntu. Buyelani ekuqaleni, buyelani ePhentekoste, lelo yiBandla lamaKristu lokuqala."

198 NgoSuku lwePhentekoste, Lagcotshwa, noPetru washumayela intshumayelo yokwethweswa iziqu zemfundo ephakeme, wathi, "Mina madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami: Laba kabadakiwe njengokucabanga kwenu."

199 O Nkulunkulu, dakisa iBandla laKho ngokomoya baze bakhohlwe yikho konke ngezinto zezwe neminako yokuphila, futhi nje bathandane naWe, futhi baKukhonze. Thola izinhliziyo ezizinikele ezingalweni zaKho, Nkosi. Siphe khona. Sindisa abalahlekile, yiba nomusa kwabafayo, phulukisa abagulayo.

200 Siyafundiswa eBhayibhelini ukuthi ngenkathi Ulapha emhlabeni, Wabakhombisa isibonakaliso sobuMesiya ngenkathi Ukhombisa . . . watshela uPetru ukuthi wayengubani; ngenkathi Utshela owesifazane waseSamariya, "Hamba, ulande indoda yakho"; ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKho, futhi waphuma futhi wahlala phansi ezethamelini; ngenkathi Wawazi ukuthi kwakunguZakewu esihlahleni; ngenkathi impumputhe uBartimewu, kungenakwenzeka ukuba ezwe iPhimbo laKho, noma, Wena ukuzwa iphimbo lakhe nakho konke lokho kukhala nokuqhubeka, kodwa WaKuthinta, futhi Wama; nowesifazane owathinta ingubo yaKho, Waphenduka, wabuka ezethamelini waze Wamthola, futhi wamtshela, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

201 Siyafundiswa, kulobubusuku, ukuthi Wena ungumPristi oMkhulu ofanayo onokuzwelana nobuthakathaka bethu, Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, komkhulu kweliPhezulu, ephilela njalo ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Nkulunkulu, senza ukuvuma kulobubusuku, ukuthi asifanele noma yiziphi izibusiso, noma asifanele ukubizwa ngamaKristu, ngoba kuvela egameni *ukufana-noKristu*. Sicela uthethelele izindlela zethu ezimbi.

202 Futhi siyazi ukuthi isono esikhulu kunazo zonke ukuthi, nesono kuphela esikhona, yisono sokungakholwa. Akunandaba ukuthi siphila kahle kangakanani, sikhonza kahle kangakanani esontweni, ukuthi silishumayela kangakanani iVangeli, uma singalikholwa lonke iZwi leZwi likaNkulunkulu, futhi sisebenze kuLo ngokufanayo, sisalokhu siyizoni, Washo njalo, "Ongakholwa uselahliwe vele." Ngakho ngikhuleka kuWe, Baba, ukuba usinike ukukholwa.

203 Busisa bonke laba, abafowethu abakhonzisayo. Busisa lelibandla, lelikholiji esikulo, balapha befundisa izinsizwa ukuba zibe ngabefundisi bakusasa. Nkulunkulu, ungabavumeli baphume njengesigejane sezinkukhu zomshini wokuchamusela ezingenanina, bachanyuselwe nje ngokomshini, kwangathi bangahamba nensindiso yangempela. Mabahambe nesehlakalo njengoba uJohn Wesley abanaso, njengoDwight Moody, uKnox, uCalvin, uSankey, uFinney, obaba bePentecostal basekuqaleni. Siphe khona, Nkosi.

204 Sithethelele kukho konke ukusilela kwethu. Futhi uma siKucunulile noma ngayiphi indlela, makuthi umusa waKho neGazi laKho kuhlawulele izono zethu. Sindisa abalahlekile manje, Baba, siyakhuleka, eGameni likaJesu.

205 Amakhanda ethu ekhotheme, amehlo ethu evaliwe, ngabe sikhona isoni esakhiweni esingathi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule manje emkhulekweni, ngihlale lapha futhi ngalalela, angisafuni, nhlobo, ukuba nanoma yikuphi ukuvuma kwanoma yini okwenziwe ngodaba olubhasteliwe, ngenxa yokuthi ngajoyina ibandla umama wami ayesonta kulo; Ngiza esikoleni ngoba ukhona ongiyengile ukuba ngize, ngingumfundi lapha esikoleni, kulelikholiji; indodana yami iza lapha; indodakazi yami iza lapha"?

206 Amadodakazi ami amabili mhlawumbe azoya e-Asbury College, eWilmore, eKentucky, ngihlala eduze kwayo. Ngifuna babe ngamaKristu angempela. Indodana yami isanda kuvela eWaxahachie, lapho eyaya khona esikoleni. Futhi sisondele lapho, ngokuhlala lapho, kusondele kakhulu kithi, ukuze sikwazi ukubona amantombazane. Sifuna babe nokwedlula konke, sifuna ukubenzela konke esingakwenza, kodwa ngaphezu kwakho konke, noma ngabe bayabazi ngisho o-ABC babo, ngifuna bazi uKristu, futhi babe nesehlakalo sokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

207 Ngabe awunaye uKristu kulobubusuku, nalolohlobo lwesehlakalo na? Ngabe uyilunga lesimo esithize esibhasteliwe na? Ngabe uyibhastela wena uqobo, uvuma ukuba ngumKristu ube ungakaze wemukele uMoya oNgcwele na? Uma unjalo, mngane wami onomusa kakhulu nothandekayo, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Ngikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham. Manje ngifuna isehlakalo sangempela sePhentekoste enhliziyweni yami. NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. Ngingowenhlangano yePentecostal, kodwa angimazi uKristu ngaleyondlela, njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste. Anginaso isehlakalo labobantu ababenaso. Ngikhumbule, Mfowethu Branham."

208 Awu, angiboni nesisodwa isandla. Futhi ngiyakhol-. . . Ngesinye isandla, uNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Angikholwa ukuthi noma ubani okahle, umqondo ojwayelekile, ongahlala lapha manje, emva kokuzwa lokho kuchazwa ngaleyondlela, angaphuma lapha futhi abe ngokwejwayelekile, ngaphandle uma ulahliwe. Niyabo, kukhona abanye abantu abangeke beze, uJesu wathi, "Akekho ongeza, uma uBaba waMi engaMdonsi. Konke uBaba waMi aNgiphe khona kuyakuza."

209 Cabangani nje ukuthi bekuyoba njani uma wonile wasuka ngosuku lwakho lomusa, futhi ungeke uphinde. . . Ungahlambalaza uMoya oNgcwele, uyazi, ukhulume izwi elilodwa elimelene naWo, akunandaba ukuthi wakhala kangakanani noma wakhuleka kangakanani, awusoze wathethelelwa khona. Ubungeke ukuzonde ukuba kulesosimo, akukho-thando enhliziyweni yakho, wazi ukuthi awukaze umemukele uKristu, awukaze uzalwe ngoMoya, lowoMoya oNgcwele ofika ngoSuku lwePhentekoste na?

210 Wena uthi, "Ngingowebandla." Mfowethu, lokho akungaphezu kokuba ngowedlangala, ubungaba ngowedlangala ngendlela efanayo, futhi uphile enhle, impilo ehlanzekile. Angimelene nokujoyina ibandla manje, lokho kulungile, i . . . kuze kube manje, kuhle kakhulu, kodwa lokho akusikho engikhuluma ngakho kulobubusuku, umlayezo wami uthi, "Buyela ekuqaleni." Futhi uma ungakaze ube nalesosehlakalo esikwenze waziphatha futhi wenza njengoba benza ekuqaleni, khona-ke ngiyacela, mfowethu, dadewethu, phakamisa izandla zakho kuKristu bese uthi, "Ngikhumbule, Kristu, nginike lesosehlakalo."

Ngiyabonga, mnumzane, uNkulunkulu akubusise. Ngiyabonga, mnumzane, uNkulunkulu akubusise.

211 Ovulande abasesitezi? Kwesokunxele? Ovulande abasesitezi ngakwesokudla? Ngilindile ngenkathi wonke umuntu esakhuleka. Ba- . . .? Kulungile, uhlu oluphakathi nendawo, noma kuphi na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. Ngilindele ukubona ukuthi isinqumo sakho sizoba yini.

212 Baba wethu waseZulwini, silindile, sinikeza isikhathi esenele ukuze kuthi, ngoSuku olukhulu lokwaHlulelwa, njengoba uPawulu wasendulo wathi, "Akukho-gazi lamuntu eliphezu kwami."

213 Manje, ngethulile futhi ngenze njengoba Ungiyalile, ngokwazi kwami konke, futhi ngibatshelile lababantu iqiniso. Ngiyakhuleka manje ukuthi Uzoba nomusa kubo, futhi uzosindisa labo abaphakamise izandla zabo. Futhi lapho kunikezwa ukubiza ukuba beze emsamo, kwangathi bangeza bethandeka, futhi kamnandi, futhi lapha benze ukuvuma, bangene ekamelweni, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

214 Manje, ngokuthula, ngokuthula ngempela manje, wonke umuntu ngezwi lakho uqobo, indlela yakho uqobo oyiculayo:

> Msindisi, Msindisi,

Manje asiMkhonze.

> . . . okwami okuthobekile . . .
> Lapho abanye U . . .
> Ungangedluli.

215 O, Akamangalisi na? NiyaMthanda na? Akamuhle na? Niyazi, kube nenhlonipho yokuzithoba ethe xaxa kulobubusuku kunokwejwayelekile. Abanye abantu basukumile futhi baphuma, ngithemba ukuthi lokho bekungenxa yokuthi badingeke bahlangane nebhasi, into ethize. Ngi . . .

216 Isizathu sokuba ngingabi nayo inkonzo yokuphulukisa, futhi angikwazi ukuba nayo lapho abantu behambahamba, uMoya

oNgcwele unamahloni, noma ubani uyakwazi lokho, Uyohamba nje, njengoba Enza eBhayibhelini. Futhi lapho uhambahamba, nje ku—nje kuyaphazamisa, ungeke nje ukwenze. Angeke nje . . . Ubeyongishiya nje, futhi ngivele ngime lapho.

Ngabe ukhona ogulayo lapha na? Phakamisa isandla sakho.

217 Ngifuna ukunibuza okuthize. Uma sikholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina . . . Uyakukholwa lokho, mfowethu na? Uyakholwa ukuthi umlayezo engiwushumayelile kulobubusuku uyiqiniso na? Uyakwemukela lokho na? Kulungile, asibize uMoya oNgcwele omkhulu.

218 Manje, iBhayibheli lasho ukuthi isibonakaliso esiyonikwa abeZizwe . . . Manje, bangaki owaziyo ukuthi isibonakaliso silapha kulobubusuku, futhi babonile ukuthi iBhayibheli lathini ngakho na? Manje, bangaki owaziyo ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu yinto ethize esivele yedlulile na? UJesu wakuphulukisa eKalvari. Ngabe kunjalo na? Wakusindisa, kodwa ufanele ube nokukholwa futhi ukukholwe. Kunjalo na?

219 Bangaki abazokhuleka, futhi babe nokukholwa futhi bakholwe ukuthi uNkulunkulu, ukuthi lesisiphiwo sikaNkulunkulu, uMlayezo ngezinsuku zokugcina . . .? Esikwaziyo ukuthi iBhayibheli lathi, "UNkulunkulu ubeke eBandleni abaphostoli," (Kunjalo na? Lezo yizithunywa zenkolo, *abaphostoli* ngo "thunyiweyo," *isithunywa senkolo* ngo "thunyiweyo.") "abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli." Kunjalo na? UNkulunkulu wababeka, yiziphiwo zikaNkulunkulu Azibeke eBandleni.

220 Bese kuthi emzimbeni wendawo ngamunye kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, lokho ngukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, ulwazi, ukuhlakanipha, zonke izinhlobo zeziphiwo, iziphiwo zokomoya ezehlukene eziyisishiyagalolunye.

221 Manje, niyakholwa, namhlanje, ukuthi sinabaphostoli, izithunywa zenkolo ezithunywe nguNkulunkulu na? Niyakholwa na? Niyazi, lokho yiziyalo jikelele, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli." Lowo ngumphostoli.

222 Uyakholwa ukuthi sinabaprofethi na? Kunesiphiwo sokuprofetha, bese kuthi-ke kukhona umprofethi. Bangaki owaziyo ukuthi kukhona umehluko kulokho na? Yilapho nina bantu beMvula yaMuva eniyigugu nathola khona ukuxoveka. Niyabo? Umprofethi uzalwa engumprofethi, njalo uno-ISHO KANJE INKOSI, akakaze abe nephutha, isiphiwo sokuprofetha siyoba koyedwa, bese kuba komunye, futhi sizofanele sehlulelwe ngabahluleli abathathu, bese-ke sitshelwa ebandleni, futhi libone ukuthi kuyafezeka yini.

223 UJeremiya wayengumprofethi, uNkulunkulu wathi, "Ungakabunjwa ngisho nasezizalweni zikanyoko, Ngakwazi,

futhi ngakungcwelisa ube ngumprofethi, futhi ngakumisa ezizweni." Kunjalo.

224 Iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba uJohane aze azalwe, wayeyizwi lomemeza ehlane, ngo-Isaya umprofethi.

225 UJesu, kusukela ensimini yase-Edene. Niyabo? Singeke saba . . . Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.

226 Manje, bangaki okholwayo ukuthi uJesu Kristu wethembisa ukuthi "Lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngizoba phakathi kwabo"? Bangaki owaziyo ukuthi Wethembisa lokhu: "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza"? Bangaki owaziyo ukuthi U . . . leyo indlela Azifakazela ngayo Yena uqobo ukuthi unguMesiya, ngoba WayengumProfethi na? Bangaki okwaziyo lokho na? IBhayibheli lasho njalo, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi." Futhi yini ibandla elaliyikholwa ngalolosuku na? Bathi Wayengumbhuli, uBelzabule.

227 Noma ubani uyazi ukuthi umbhuli ungokadeveli. Noma yimuphi walolohlobo lomlingo omnyama ungokadeveli. Kodwa ku . . . Yini—yini oku*ngalungile* na? Kuyinto ethile elungile, ephendukezelwe. Yini isono na? Ngukulunga, kuphendukezelwe. Yini ukuphinga na? Isenzo sokulunga, siphendukezelwe. Yini i—yini a—amanga na? Iqiniso, liphendukezelwe. Niyabo?

228 Konke ukungalungi . . . Udeveli akakwazi ukudala lutho. I . . . Ngifuna omunye angikhombise umBhalo lapho udeveli engaphulukisa khona, noma lapho udeveli engadala khona. Munye kuphela uMdali, noSathane uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile. Konke okudaliweyo kuvela kuNkulunkulu, uSathane uphendukezela indalo.

229 Manje, ngenkathi Esemhlabeni, ukuthi abantu bazi kanjani ukuthi WayenguMesiya, njengoFiliphu, ngenkathi ehamba futhi wafumana uNathanayeli, futhi wamtshela lokho Ayekushilo kuPetru, ngenkathi esebuya, ngani, wenyukela eBukhoneni kuJesu, noJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Ngabe kunjalo na?

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

"Wenzani, Mfowethu Branham na?"

230 Ngizama ukuthola uMoya endawaneni lapho esizobona khona ukuthi Uzokwenzani, angazi. AngiWulawuli, Uyangilawula. Angeke nganitshela into eyodwa, NguYe. Ngiyisimungulu kakhulu njenga*lokhu* ngaphandle kokuthi kukhona okukhulumayo kukho.

231 Kodwa bangaki abakwaziyo lokho, indlela, Wathi, kwakusezinsukwini zaseSodoma, ngenkathi uNkulunkulu efika

lapho esenyameni yomuntu, emele uNkulunkulu ngezinsuku zokugcina ngaphambi kokushiswa komhlaba, njengoba Enza ngaleyonkathi, uJesu wabhekisela kukho ukuthi Uyofika futhi enyameni yomuntu, futhi uyokwenza into efanayo na?

232 Manje, bhekisisani, manje, Akazange enze lokho uBilly Graham nabo abakwenza, lokho iziNgelosi ezehlela eSodoma, zaphuphuthekisa amehlo abo ezansi lapho, ukushumayela iVangeli kwenza lokho, kodwa akukho-zimangaliso. Kodwa bhekisisani Lowo owahlala ngaphandle eBandleni lePhentekoste u-Abrahama ayelimele, iQembu elibizelwe ngaphandle. Yabanikezani kube yisibonakaliso sokugcina na? Yayifulathele ithende futhi yabiza, “Abrahama,” ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambili wayeshintshiwe esuka ku-Abrama waya ku-Abrahama, esuka ku S-a-r-a-y-i kuya ku S-a-r-a, uSara, “uphi umkakho, uSara na?” isiHambi.

Wathi, “Usethendeni, emva kwaKho.”

233 Wathi, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila.” Futhi uSara wahlekela ngaphakathi kwakhe. Wathi, “Uhlekeleni uSara, ethi, ‘Lezizinto zingaba kanjani na?’” Kunjalo na? UJesu wathi lokho kuyophinda futhi.

234 Niyakhumbula ngenkathi uJesu elapha na? Wakwenza lokho phambi kwe, kokubili amaJuda namaSamariya, kodwa hhayi abeZizwe. Babebheke uMesiya, Wakhombisa isibonakaliso sobuMesiya. Manje, abeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesayense yezenkolo, kodwa Wathi, njengoba umprofethi asho, ilanga liphuma ekuseni, lishona kusihlwa, “Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Ilanga elifanayo elaliyokhanya entshonalanga, elifanayo lelo elalikhanya empumalanga.

235 Ngiyasho ukuthi Akafile, Uyaphila. Futhi ngithi uMoya waKhe ulapha. LeyoNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli, eyagcoba uJesu Kristu, nguMoya ofanayo kulesisakhiwo, kulobubusuku, ISHO KANJE INKOSI. Ngabe kuzosebenza na?

236 Ngikholwa ukuthi uBilly ukhiphe amakhadi omkhuleko ambalwa ngobunye ubusuku, asizukuwabiza, asizukuwathinta nje amakhadi omkhuleko, ngakho nizobona ukuthi akusiwo amakhadi omkhuleko.

237 Ake ngishintshe indaba yami umzuzu. Kwakukhona owesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe. Mhlawumbe akakwazanga ukungena emgqeni womkhuleko, wayengenakhadi lomkhuleko. Kodwa wathinta umphetho we . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

238 . . . umama ecishe equleka, ubaba wami eqhotha eceleni kombhede, ompofu, iKatolika elihlubukile, engazi ukuthi enzeni, wangithwala wangiyisa ebandleni elincane leBaptisti ukuba ngibusiswe.

239 Kwase kuthi-ke eminyakeni embalwa eyedlule, ngenkathi leyomibono ilokhu ihamba, Wahlangana nami ngaleya eGreen's Mill ngokukhulu, ukuKhanya okukhanyayo, okungukuthi iNgelosi yabonakala kuLo, futhi yathi kungalesisizathu ngazalwa.

240 Nkosi Nkulunkulu, kukhona izitshudeni zasekholeji ezihlezi lapha, kukhona ukungabaza, kukhona izingxaki, kunabantu abamangalayo, Baba, bathethelele ngalokho. Kungukuthi, abakaze babone noma yini enjengakho, abaqondi ukuthi ihora esiphila kulo. Kodwa Wethembisa lesisibonakaliso ngaphambi nje kokuba izwe libhujiswe ngoMlilo. Siyabona ngesayense, ukuthi ibhomu le-atomu linegama lesizwe sakithi lilenga kulo, okunye nje ukuphuma nokushona kwelanga okumbalwa, mhlawumbe hhayi okunye.

241 Kodwa, Baba Nkulunkulu, mayelana nalomlayezo engiwushumayelile uvela enhliziyweni yami, IZwi laKho nesithembiso saKho, kukuqinisekisile kulobubusuku, Nkosi, futhi makuthi omunye phandle lapho abe nokukholwa okwanele ukuba aKuthinte, njengoba ngizinikela kuWe, ukuze Ukhulume kimi amazwi afanayo, njengoba Wenza kowesifazane owayenomopho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

242 . . .Jesu Kristu, ukuthi Akaqhelile ngefidi amabili ukusuka lapho engikhona manje, lokho kuKhanya okufanayo. Futhi ngithatha bonke omoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Manje thulani, ninganyakazi, ngoba amademoni asuka komunye aye komunye, futhi siyakwazi lokho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .futhi enze into efanayo. Uma ungezi, khona-ke ungasho lutho olubi ngaLo kusukela manje kuye phambili, ngoba uyobe uhlambalaza uMoya oNgcwele futhi uthumele umphefumulo wakho ekuhlushweni ngaphandle kwesihawu. Asikhuleke, khothame. . .[Akuqoshwanga eteyipini.]

. . .khona lapha, engibuka. Niyabo. . .[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

243 . . .nento ethize ekhaleni lakhe, eduze kweso lakhe, yisimila esincane sento. Uyakwesaba ngoba kulokhu kuza futhi kuhamba, ukuxebuka. Ungumshumayeli weVangeli. Angikaze ngimbone empilweni yami, futhi angimazi. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko, mnumzane na? Awunalo na? Ngabe lezozinto ziyiqiniso na? Phakamisa isandla sakho uma ziyiqiniso.

Manje-ke, ngifuna ukunibuza nonke into ethize. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

". . .Nginomdlavuza." Ngabe lezo. . .? Bengingamtshela kanjani ukuthi ubekhuleka ngani, nokuthi yini. . .? [Akuqoshwanga eteyipini.]

244 Lapha, owesifazane osemusha engibuka, ehlezi khona lapha, engibuka, phansi le, cishe umuntu wesibili phakathi, kuloluhlu lapha, uphethwe yikhanda elibuhlungu, into ethize efana nekhanda elibuhlungu ikhanda elibuhlungu elihlabayo. Ngaphandle kwalokho, ungumshumayeli wesifazane. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngimemezela ukuthi uphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu, othinte umPristi oMkhulu.

245 Kukhona owesifazane ophakathi nendima yempilo ehlezi emuva le ngemuva, ugqoke ibhantshi elil'hlaza s'bhakabhaka elinemihlobiso emhlophe kulo, ufake isigqoko esil'hlaza s'bhakabhaka, uhlushwa isimo senyongo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, nenekazi, ungakwemukela ukuphulukiswa kwakho. Yima ngezinyawo zakho. Uma ngingakwazi, vayizelisa izandla zakho. Uma lezozinto ziyiqiniso, okushiwo nguMoya, vayizelisa izandla zakho. Khona-ke ngiyamemezela ukuthi uphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu.

246 Kuthiwani ngale kulesisigaba na? Nangu owesifazane omncane ehlezi lapha, engibuka, khona phandle lapha, ibhantshi elibomvu, ukuKhanya phezu kwakhe, uhlushwa yinkathazo yezinso. Yima ngezinyawo zakho. Ubukhuleka, "Nkosi, makangibize." Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa isandla sakho. Ngimemezela ukuthi uphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu.

247 UMesiya, iNdodana kaNkulunkulu, NguYe okushoyo.

248 Manje ngifuna ukunibuza okuthile nina bantu, amaMethodisti, amaBaptisti, amaKatolika, namaPresbyterian, uma lababantu bePentecostal benephutha, lowo okhuluma ngezilimi, kanjalonjalo, kungani uMesiya emelele, ekhombisa isibonakaliso sokuvuka kwaKhe na?

249 Bangaki abazoMemukela njengoMsindisi oqondene nabo, futhi bafuna ukugcwaliswa ngoMoya waKhe na? Yenyukelani lapha nizungeze i-altare khona manje, nina eniphakamise izandla zenu, qhubekelani phezulu lapha. Wena ongaMazi, futhi ongenakho lokhu kuPhila okuPhakade, khuphuka manje, sisamile ngezinyawo zethu futhi sicule. Woza khona manje. ("NgiyaMthanda, ngiyaMthanda ngoba Yena kuqala . . .") UyaMthanda na? Uyafuna ukukuzwakalisa na?

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda

Wozani, wonke umphefumulo, wozani.

> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengil'insindiso
> Emthini waseKalvari.

Wonke lowo ongaMazi njengoMsindisi wakho, ongakamemukeli uMoya oNgcwele, kungani ungezi na? Yini enye . . .?

250 Khumbulani, ake nginitshele, USHO KANJE UMOYA KANKULUNKULU OKIMI: Lesi yisibonakaliso sokugcina eBandleni labeZizwe ngaphambi koHlwitho.

251 LISHO KANJE IZWI LIKANKULUNKULU, USHO KANJE UMOYA ONGCWELE OKHULUMAYO, OWAZI IMFIHLAKALO YENHLIZIYO, ISHO KANJE INKOSI: Wemukela ubizo lwakho lokugcina.

252 Ngibize ngo*hlanya* uma ufisa futhi uhlambalaza uMoya oNgcwele. Woza manje uma ungakulungele ukuhlangana naYe oHlwithweni. Ngiphosela inselelo, ngiyacela, ngiyancenga, ngiyanxusa: Woza manje!

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda

253 Kungani ningami, noBukhona baKhe busondele kangaka na? Nonke nina zitshudeni lapha enivela kulelikolishi eningenaye uMoya oNgcwele, wozani zinsizwa, zintombi, nehle kanje, kunjalo.

. . . insindiso
Emthini waseKalvari.

Ng'yaMthanda, ngi . . .

254 Woza manje, woza. Lokhu ukubiza kokugcina, mhlawumbe okokugcina oyoke ukuzwe empilweni yakho, kusasa ebusuku kungahle kube leyithi kakhulu kuwe.

. . . mina

255 Amalungu ebandla ayisivivi, ningeze na? Ungethembi ibhastela, aliyikuvuka ekuvukeni, lingeke labuya futhi. Woza, uthole isehlakalo sangempela. Buyela ebandleni lakho, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma ngabe ukuphi, buyela kulo, kodwa woza uzalwe manje, woza, uthole uMoya oNgcwele wangempela.

Ngi . . .

Phezulu kovulandi abasesitezi, silindile.

Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

256 Manje, bangane, ningaMxoshi. Ngifuna ukunibuza okuthize. Uyoke, kuyo yonke impilo yakho, uke ufike kunoma iyiphi indawo lapho obona khona iZwi elimsulwa, noNkulunkulu eza ngqo emva kwaleloZwi futhi ezifakazisa Yena uqobo ukuthi Ulapha na? Manje, kunabaningi phandle lapho. UNkulunkulu ofanayo ongangitshela ukuthi yini engalungile kuwe, ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe, ngomusa waKhe,

ngesambulo saKhe. Abanye abaningi badinga ukuba bame lapha. Ngizophinda futhi ngicule. Futhi khumbulani, ngoSuku lokwaHlulela lapho ngihlangana nani, igazi lenu alikho phezu kwami. Wamukelekile ukuba uze.

Ng'yaMthanda . . .

Ungathathi ishansi.

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
KowaseKalvari . . .

Yehla, s'thandwa, ngaleyondlela.

. . . mthini.

257 Abantwana abancane beza, bekhala izinyembezi, abakadonsi izinhliziyo zabo emaphephabhukwini amadala e*True Story*, kanjalonjalo, kanzima kakhulu, abanasikofu.

Woza, s'thandwa, vele ume phezulu lapha ngqo. Izisebenzi eziqondene nomuntu zizoba lapha, emzuzwaneni nje.

258 Futhi angifuni nihambe nezisebenzi eziqondene nomuntu ngize ngikhulekele lababantu, qobo lwami. Ngifuna ukubakhulekela, nalababazalwane.

259 Mngane, uyabona na? Enye yalezozinto yenzeka e-Afrika, izinkulungwane, eziphindwe kazinkulungwane ziyothutheleka e-altare.

260 Manje, ngizonibuza okuthize. Ngifuna ukhothamise ikhanda lakho, phandle ezethamelini. Futhi ngiyanicela, eGameni likaJesu Kristu, oBukhona baKhe enimi kubo, uma ungakamemukeli uMoya oNgcwele, nakuba ungenyuki, awu . . . Ngifuna nibe qotho kangako kimi, nakuNkulunkulu, noNkulunkulu uzonibangela ukuba nilahlwe yicala, impela, uma ungakamemukeli uMoya oNgcwele, phakamisa isandla sakho, wonke lowo ongakawemukeli.

(Ngifuna nibuke. Niyabo? Manje, lokho kukhombisa ukuthi ngabe ukubona okufihlakele kulungile noma qha, niyabo. Kulapho. Niyabo? Kungukuthi nje, mhlawumbe usuku seludlulile.)

Ngifuna izisebenzi eziqondene nomuntu ukuba zenyuke futhi zime zisondele manje. Uma abanye bengafuna ukwenyuka, wozani.

. . . Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wathenga . . .

Abaningi beza nezisebenzi eziqondene nabo, lokho kuhle.

. . . insindiso
Emthini waseKalvari.

261 Kucabangeni, bangane, ngezinsuku lapho izizwe zingazi ukuthi zenzeni, isizwe sakithi, nalelizwe lisesikhwameni sempuqumpuqu, niyakwazi lokho, hhayi isikhwama sempuqumpuqu, kodwa ibhomu le-athomu, uya ku*leli*bandla, uya ku*lelo*bandla, ugijimela kulo, alishongo yini iBhayibheli ngezinsuku zokugcina ukuthi kuyofika indlala yokuzwa iZwi likaNkulunkulu leqiniso, abantu bayohamba besuka empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu befuna iZwi likaNkulunkulu leqiniso na? Futhi lapha kulobubusuku, ngokukuzwa kuvela eBhayibhelini, ngawo impela uMoya oNgcwele owaloba iBhayibheli lapha, efakazisa ukuthi UnguJesu ophilayo khona lapha kanye nathi kulobubusuku, ubungaMxosha kanjani na?

262 Futhi ngifuna ukusho kinina enizayo, uJesu wathi, "Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi." Manje, lowo kwakunguNkulunkulu uBaba wethu emi eceleni kwakho onilethe kulomsamo. "OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele." Ngizonikhulekela ngaphambi kokuba siye e—egumbini.

263 Baba wethu waseZulwini, laba abathandekayo, abayigugu, abantu abafayo abadlayo, baphuze, bathande imindeni yabo nabathandekayo babo, njenganoma yisiphi esinye isidalwa esingumuntu esijwayelekile, bangahle ukuba benze izinto ezinkulu ezimpilweni zabo, bangahle ukuba benze izinqumo eziningi, kodwa abazange benze esisodwa njengoba nje benzile, ukuba beze futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi ngamunye wabo uzokwemukela uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, Olapha manje. Ngiyakhuleka . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org